

UKUKHOLWA UNKULUNKULU



Uyofika nini umzumzwana
Lapho ngiyakubeka izikhali zami,
Futhi ngihlale ngokuthula eKhaya na?

Sizosebenza aze afike uJesu,
Sizosebenza aze afike uJesu,
Sizosebenza aze afike uJesu,
Futhi siyobuthelwa eKhaya-ke!

Akukho zinjabulo ezithule-cwaka emhlabeni
engizaziyo,
Akukho kuthula, ihholo lokukhosela;
Lelizwe ihlane losizi,
Lelizwe akusilo iKhaya lami.

Sizosebenza aze afike uJesu,
Sizosebenza aze afike uJesu,
Sizosebenza aze afike uJesu,
Futhi siyobuthelwa eKhaya.

KuJesu Kristu ngibalekele ekuphumuleni;
Wangilayeza ukuba ngikhawuke ukuzulazula;
Futhi ngincike ukuba ngincele ebeleni laKhe
Aze Angikhaphe ngiye eKhaya na?

Sizosebenza aze afike uJesu,
Sizosebenza aze afike uJesu,
Sizosebenza aze afike uJesu,
Futhi siyobuthelwa eKhaya!

Ngafuna kanye ohlangothini loMsindisi wami,
Akusesizo izinyathelo zami eziyakuzulazula;
NgaYe ngiyoba iqhawe egagasini eliqandayo
Futhi ngifinyelele eKhaya lami laseZulwini.

Sizosebenza aze afike uJesu,
Sizosebenza aze afike uJesu,
Sizosebenza aze afike uJesu,
Futhi siyobuthelwa eKhaya.

² Unombolo 227 manje, *Ukubutha Izinyanda Ezinhle*. Ngiyathanda ukucula leli, yingoba yiculo lobuthunywa benkolo, futhi lithi uku—lithi ukungifaka umoya. 227 inombolo yehubo. Kulungile, manje, ihubo lokuvala nje be-...Manje masi, wonk'umuntu, ngenani ngqo kulo manje. Niyawathanda lamaculo amadala na? Thanini "amen" uma niwathanda. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kuyamangalisa! Kulungile, sonke kanye kanye manje.

Emasimini esivuno le sizohamba
ngokuthokoza namhlanje,
Ukubutha izinyanda, o, izinyanda ezinhle;
Kusukela kusesekuseni ngovivi kuze kube
sebusuku sizoshikashikeka ngezikhwepha
zethu,

Ukubutha izinyanda, o, izinyanda ezinhle.

Ukubutha izinyanda, izinyanda ezinhle,
Ukubutha izinyanda, izinyanda ezinhle;
O, mayidunyiswe iNkosi, sisendleleni yethu
ebheke eZweni losuku olungapheliyo,
Ukubutha izinyanda, o, izinyanda ezinhle.

Entabeni, amagquma noma ithafa sizovuna
okusanhlamvu,

Ukubutha izinyanda, izinyanda ezinhle;
Yebo, sizoshikashikeka kude naseduze, ngeke
sanqikaza, ngeke sesaba,
Ukubutha izinyanda, o, izinyanda ezinhle.

3 Sonke manje, wozani!

Ukubutha izinyanda, o, izinyanda ezinhle,
Ukubutha izinyanda, izinyanda ezisagolide,
izinyanda ezisagolide ezinhle;
Mayidunyiswe iNkosi, sisendleleni yethu
ebheke eZweni losuku olungapheliyo,
Ukubutha izinyanda, izinyanda ezinhle.

4 Umzuzwana nje. Manje uma siza kuleyongxenywe futhi,
“Mayidunyiswe iNkosi, sisendleleni yethu ebheke eZweni,”
asikhombe ngaphezulu, “eZweni losuku olungapheliyo, sibutha
izinyanda.” Asizame ikhorasi manje. Wozani!

Mayidunyiswe iNkosi, sisendleleni yethu
ebheke eZweni losuku olungapheliyo,
Ukubutha izinyanda, izinyanda ezinhle.

5 Awu, manje asikuthole futhi. Kulungile.

Sizocula futhi sizokhuleka, silalele nephimbo
leNkosi yethu,
Ukubutha izinyanda, o, izinyanda ezinhle;
Njengoba sihamba ezweni labafokazi, senza
lokho iNkosi yethu ekuyalayo,
Ukubutha izinyanda, izinyanda ezinhle.

Ukubutha izinyanda, izinyanda ezinhle,
Ukubutha izinyanda, izinyanda ezinhle;
O, mayidunyiswe iNkosi, sisendleleni yethu
ebheke eZweni losuku olungapheliyo,
Ukubutha izinyanda, izinyanda ezinhle.

Asisukume manje, uma nithanda.

⁶ O Nkosi yokuPhila, siKubona eNcwadini ebizwa ngeBhayibheli, esithombeni esisamdlalo wasesiteji, kulokhu ukusa, njengoba besiyokucabanga ukuthi kube iSonto ekuseni elihle ngenkathi Wawuhlezi phezulu entabeni, wabutha abafundi baKho ngakuWe futhi Wawubafundisa ngezibusiso, izinto nje ababemele bezenze. Wena wathi, “Babusisiwe abathobile, ngokuba bayakudla ifa lomhlaba. Babusisiwe abampofu emoyeni, ngokuba uMbuso kaNkulunkulu ungowabo. Nibusisiwe, nxa benithuka, futhi benizingela, bekhuluma konke okubi ngani beqamba amanga, ngenxa yeGama laMi. Jabulani, nithokoze, ngokuba umvuzo wenu mkhulu eZulwini.”

⁷ Emva kwalendlela yokwenza, Wasifundisa sonke ukuba simele sikhuleke kanje. [UMfowethu Branham nebandla bayakhuleka ndawonye ngokukaMathewu 6:9-13—Umhl.]

...Baba wethu osezulwini, Malingcweliswe igama lakho.

Mawufike umbuso waKho. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni, njengasezulwini.

Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.

Futhi usithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela labo abaphambukayo kithi.

Futhi ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi: Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

⁸ Manje amaklasi angathatha izindawo zawo. Iklasi labadala alishone phambili uma ningakwazi, ngenkathi abafana besinika *IFu NoMlilo*. [Umshayi wopiyano nabaculi badlala *IFu NoMlilo* ngenkathi abantwana beya emaklasini abo. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

⁹ Manje kunezihlalo ezingenalutho ngaphambili, uma abanye benu emuva kakhulu kakhulu. Ngiyazi ukuthi itabernakele lethu ali...imisindo lapha ayikho kahle kakhulu kakhulu, ngoba sinokuwawaza phakathi ngayinye yalezozinsika lapho, nemishayo ilenga. Kunokuwawaza. Uma nifuna ukusondela kancane, kunezihlalo ezimbalwa. Namukeleke kakhulu, ngenkathi sisenza lokhu, uma nifisa.

¹⁰ Asiphenye manje kuGenesisise isahluko sa 22, bese kuthi-ke futhi niphenye kwabaseRoma isahluko se 4, nje oko—umlayezo omfishane kulokhu ukusa ngaphambi kwenkonzo yokuphilisa, esifundweni sethu sikaSonto sikole. UGenesisise 22.

¹¹ Ukhona odinga iBhayibheli na? Ulikhohliwe elakho na? Uma ulikhohliwe, phakamisa isandla sakho nje uma ufuna elilodwa ukufunda kulo. Sinenqwaba yawo emuva lapha. Besingakujabulela ukuba noyedwa wabangenisi bakulethele wona, uma ufisa elilodwa. Ngibone ezinye izandla ziphakeme. Mfowethu Roy, beningangena okomzuzu, nidlulise lawo

aphumele emuva ngapho. Lokho bekuyoba kuhle. [UMfowethu Branham uyama—Umhl.]

¹² UNkk. Harvey lapha, uNkk. G.H. Harvey ovela eDanville, eIllinois na? Ufike naye umfana wakho na? Kulungile. Sizoba nomkhuleko nje kancanyanyana, senzele yena. Kulungile, Nkk. Harvey. Kulungile.

¹³ Manje sizokhuluma kancane nje, noma sibe noSonto sikole. Kuyisiko lapha ukuthi sinisifundo sethu sikaSonto sikole. Kodwa ngenkathi ngisengasekhaya, ngani, ngokuvamisile ngi... bayanikezela futhi bangivumele ngibe noSonto sikole, ekucabangeleni ukukhulekela abagulayo. Bese kuthi—ke umelusi wethu uzokwethula umlayezo wasekuseni, ngemva ngqo kwalengxenywe yalenkonzo. Futhi sizozama ukumnika umsamo ngokukhulu ukushesha okunokwenzeka, ngeleshumi nanye nqo, uma iNkosi elungileyo ithanda.

¹⁴ Manje kunezicelo eziningi. Futhi ngi—ngiyanikhulekela nonke njalo njalo, nayoyonke indawo, futhi ngifuna nina ningikhulekele.

¹⁵ Nginokuthile, isizathu ngisekhaya isikhathi eside ngalesisikhathi, ngifunisisa indlela yobuNkulunkulu kaNkulunkulu yami ukuba ngingene ezinkonzweni zami ezilandelayo, njengoba ngaMthembisa ukuthi bengiyokwenza. Manje, angizami khona ukuphuthuma iNkosi, ngoba Wazi konke, kodwa ngiMcela ukuba angikhombise umbono ngokufanele ngikwenze, noma ukuthi umnyakazo wami olandelayo uzoba kuphi. Futhi njengoba ngivela eAfrika, kuphela bekunombono owodwa owenzekile, nalowo ubungokunye ukusa, kwase kuthi—ke ufika izikhathi ezimbili noma ezintathu osukwini. Futhi ngikholwa ukuthi Usondele manje.

¹⁶ Imibono ngokuvamile ifika ngesixuku. Uma niqaphelile eBhayibhelini, phezu kwe... abafowethu bezinsuku ezadlula, ukuthi ngokuvamisile isigejane semibono eyayingena kuDanyeli, noma kuJosefa, futhi khona—ke kwakuba ne—nendawo lapho obekungeke kwaba nayinoma iyiphi.

¹⁷ Ngokuvamile bengihlale ngimangala ukuthi ngifanele ngiphathe izinkonzo zami ngendlela ebengiziphatha ngayo. Nje ngikhulekela, o, mhlawumbe ngithola idazini, amabili, obusuku, noma okufana nalokho, lapho kunezinkulungwane zayo zilindele, futhi nje ilokhu iqhubeka ifika enhliziyweni yami ukuthi akumele ngenze lokho; ukuthi, uNkulunkulu ungiphe igunya uku—ukubeka izifo... ukubhodloza amandla kaSathane.

¹⁸ Futhi ngolwesiThathu ebusuku, iviki, ngehlela lapha etabernakele, futhi kwakukhona iqembu labantu elangenayo, ngakho ngavele ngalala, njengokuthi, uboya bemvu phambi kweNkosi. Futhi ngathi, “Nkosi, angikaze ngiphume...”

¹⁹ Nginakho, izikhathi eziningi, bengihlala ngibuza abantu njalo; kuqala, “Uyakholwa na? Ukhholwa kangakanani? Uyakholwa ukuthi ngingakwazi ukwenza lokhu na?” nazozonke lezizinto ezehlukile kanjalo. Bese kuthi-ke—bese kuthi-ke ngiyolinda futhi ngiyilethe emsamo, futhi ngilinde ngize ngibone umbono, ngibone khona impela okwakuqhubeka, bese kuthi-ke ngiyokusho nje okwakuyikho. Kwakunensa kakhulu, ngangifinyelela kanzima kubantu. Kodwa ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngangimangala. . .

²⁰ Izikhathi eziningi, ngiyoma emsamo, lapho mhlawumbe kunezinkulungwane ezilikhulu zabantu. Futhi, into yokuqala niyazi, ngokuthile ngokugqamile ngempela into ethile iqubuka phakathi kimi, futhi ngiyiqhubeka futhi ngibize lelodemoni, futhi ngilikhipe. Futhi ngacabanga, “Lokho kuyaxaka.” Kwase kuthi-ke lapha ngiqala ukucabanga. . . Abaningi benu bayifundile incwajana yami, akukho kungabaza ngakho konke okuphakathi lapha, nangezigameko eziningi lapho.

²¹ Ngibabonile ngobunye ubusuku, ePortland, lapho idemoni. . . Futhi, o, he! Indoda esinda amaphawondi angamakhulu amathathu, cishe, futhi igijimela emsamo, futhi yathi, “Awu, wena mzenzisi!” Yathi, “Ngizokukhombisa ukuthi mangakanani indoda kaNkulunkulu!” Wayeyindoda esanganayo ephuma esikhungweni. Futhi igijimela emsamo futhi—futhi yayizophula intamo yami. Na—nabashumayeli abangamakhulu amahlanu nje aqhela kuyo. Futhi yafinyeza ingalo yayo futhi yathi, “Ngizophula onke amathambo emzimbeni wakho!” Futhi ngangisinda amaphawondi ayikhulu namashumi amabili. Nayo cishe ingamaphawondi angamakhulu amathathu, nesifuba esikhulu esibanzi, futhi, o, wayeyindoda enamandla ka—kangakanani, ekwazi ngempela ukuthwala izimbangi zayo. Futhi phakathi e. . . Khona impela phakathi kwakho, ngani, kwakukhona into ethile eyanyakaza phezu kwami, futhi ngaphuma nje ngiya lapho eyayikhona. Yathi, “Namhlanje ebusuku ngizophula wonke amathambo emzimbeni wakho ontekenteke!”

²² Ngathi, “Phakathi e. . . Ngoba uphosele inselelo uMoya kaNkulunkulu, kulobubusuku uzowela ngasezinyaweni zami, eGameni leNkosi.”

Kwabaneziprofetho ezimbili ezenziwa.

²³ Futhi yagijimela phambi kwami, yathi, “Ngizokukhombisa ukuthi izinyawo zikabani engizowela ngakuzo!” Futhi ithimisela ebusweni bami ngenkathi inyuka, futhi yafinqa isibhakela sayo esikhulu kakhulu.

²⁴ Ngaleyonkathi-ke ngathi, “Sathane, phuma endodeni.” Futhi yaphakamisa izandla zayo futhi yadazuluka, futhi yawela ngasezinyaweni zami, kwaze kwathi amaphoyisa adingeka ayidonse ayikhiphe.

25 Manje, yayingenakukholelwa kimi. Ayingikhholwanga. Futhi ngiyabona kuthatha ukuphonsela inselelo okunesibindi. Bengikhulekela wonke ozayo.

26 Ngobunye ubusuku kwakunabantu lapha, owesifazane wayengakwazi ukukhuluma. Kwathi masinya nje lawomandla okubi aphoselwa inselelo, wakhuluma ngokwejoyelekile.

27 Futhi kwakukhona inenekazi lapha elalinendlala enkulu emphinjeni walo. Ngenyukela kulo nje, futhi ngathi, “Sathane, ngi—nginegunya nje ukubhodloza amandla akho. Ufanele uphume kulo.”

Ngathi, “Usehambile.” Ngathi, “Uyakholwa yilokho na?” Futhi lathi, “Yebo.”

28 Ngathi, “Kulungile, iya ekhaya bese ubeka intambo izungeze intamo yakho, futhi uyikale, ubone ukuthi inkulu kangakanani—kangakanani. Futhi njalo ezinsukwini ezintathu, nquma ingxenyana yentambo uyisuse lapho, ubone ukuthi iqala kanjani ukushwabana.”

29 Usuku lokuqala kwakukhona cishe okukangako, usuku lwesibili cishe kangako, futhi usuku lwesithathu cishe kangako, lapho kwase kubohlile, niyabo. Yintambo efanayo; uyilethe lapha emsamo.

30 Futhi ngakho-ke ngiqala ukukuzwa kungena. Futhi ngibuza uNkulunkulu nje, ngabe lokho kuyoba intando yaKhe yobuNkulunkulu na? Futhi okunye ukusa cishe . . .

31 Nginentombazanyana, isishiyagalombili, ishumi—izinyanga ezilishumi, uSarah omncane, futhi uyisithandwa esimnene esincane. Futhi angikabi nakho ukuba naye kakhulu kakhulu. Futhi ngimuspoyle, ngizokuvuma lokho, ngimuphathe ezingalweni zami sonke isikhathi. Ubungakwenza, nawe, uma ungazange ukwazi ukubona ichump yothando encane kungengaphezulu kwengikwazi ukumbona, uyazi, manje nje nangenkathi ngisekhaya. Ngakho ngi—ngiqagele ngimuspoyle kakhulu ngakho konke.

32 Uphuma amazinyo, futhi wagula ngempela. Angahle ukuba unokuhuda futhi. Kuyazungeza. Ngiqagele abanye bemindeni yenu banakho, nabo; ukugula ngempela, ukuhlanza nokuhuda. Futhi ngakho wayekhala. Umama wakhe wayekhathele kakhulu, akavukanga ngisho; angikaze, kanjalo. Futhi ngavuka, futhi ngangizumekile emuva ekamelweni lesibili ukusuka kuye; nonina naye phakathi lapho, nentombazanyana nami ngangilele kwelinye ikamelo, uRebekah omncane. Futhi, ngakho, noBilly Paul wayehlale nogogo wakhe ngalobobusuku. Ngakho, nga—ngavuka, ngezwa . . . Ngathi, “Yini engenze ngavuka kanjalo na?”

33 Ngezwa iPhimbo laKhe lithi, “Iya enganeni yakho futhi uyiphuzise amanzi.”

³⁴ Ngangena ekamelweni, futhi yayikhala. Wayekade ekhale isikhathi eside. Wayengafanele avuse umama wakhe, esemkhombeni wakhe omncane. Ngahamba futhi ngathola ingilazi yamanzi ngenkathi sengingenile. Intwana kancanyana yacishe yaphuza yonke ingilazi yamanzi, futhi ilapho esimweni sayo-ke, nohudo eyayikade inalo. Nje, ngacabanga, “Akuthandeki yini lokho, umnene kanjani Ukukwenza lokho!” Leso isikhathi sesibili, noma isikhathi sesithathu.

³⁵ Ngesinye isikhathi ngangise Sioux Falls, wayenezinyanga ezintathu kuphela ubudala. Wayelele embhedeni. Umama wakhe wayekade ephumile, ekhuluma kwabanye abantu. Futhi ngangishefa, kanjalo, ngilungela ukuya emhlanganweni. Futhi ngangimi lapho, ngishefa, futhi ngezwa iNgelosi yeNkosi ithi, “Thola ingane yakho, khona manje.” Ngabeka ireyiza yami phansi; ngigijimela ngakhona. Futhi uhhafu owodwa womzuzu kade futhi wayeyobe esehambile. Wayesembhedeni ophakeme, cishe *kanjalo*. Futhi wayenezingalo zombili... Wayephenduka, futhi wayekade ephendule ikhanda lakhe, ikhanjana lilengela phansi, ingalo yakhe, ishelela nje. Ngandingeka ngigijime kakhulu ngempela ukumnqaka nje lapho eqathaka. Uyathandeka, umnene.

³⁶ Kamuvanyana kusukela kulokho, kwakukhona intombazana esencane. Mhlawumbe ihlezi lapha kulokhu ukusa. Angiyiboni, kodwa iza kancane. Iyilunga lebandla eNew Albany, ibandla eliqavile kakhulu, ibandla elivelele eNew Albany. Kade ngisezansi lapho. Lifuna... Linesimo esiphathelene nengqondo, uhlobo lwesifo esiphathelene nokugula ngengqondo. Futhi angeke, angeke ngisho ihambe ishiye idolobha noma ngabe yikuphi, futhi iqala ukudazuluka futhi ikhala, iqhubeka. Ngakho nga—ngayikhulekela, kabili noma kathathu, kodwa okuthile kwakungangivumeli ngiphosele inselelo lelodemoni, empeleni. Angazi. Angikwazanga ukukwenza nje. Ingumngane omuhle wenesi elihlala endaweni eyakhele lapho. Benyukela lapho. Yayiya ngokuba yimbi kakhulu. Ibingaleyondlela cishe iminyaka eyisishiyagalombili.

³⁷ Futhi ngakho iyenyuka ngolunye usuku, futhi yathi... Ngiyitshelile, ngathi, “Sisi, into kuphela engiyaziyo, ukuthi, kunembangela lapho ndawondawo. A—angazi ukuthi iyini.” Ngathi, “Ngi... Uma ungenyuka.”

³⁸ Yathi, “Sengikhulekelwe; umelusi wami.” Futhi yathi, “Umelusi wami ungithumele phezulu lapha, wathi, ‘Hamba ubone uMfowethu Billy futhi ubone ukuthi uthini.’”

³⁹ Awu, ngathi, “Awu, anga—angazi, sisi,” ngathi, “nginjengomelusi wakho nje.” Ngathi, “Ngabe uzivume zonke izono zakho na?”

“Yonk’into.”

40 Uthisha kaSonto sikole, ineklasi elikhulu futhi yenza umsebenzi omuhle. Kodwa nje lokho kwalenga phezu kwayo. Awu, nga—ngangingazi ukuthi ngenzeni. Uthi nje ukucabanga ukuthi bengiyozizwa kanjani. Nga—ngangingazi nje ukuthi ngenzeni.

41 Sayingenisa ekamelweni. Ngathi, “Kulungile, sukuma.” Uma abantu beza, savele nje samisa yonke into. Ngayingenisa ekamelweni. Ngihlala phansi futhi ngaqala ukukhuluma ngokuzalana nangokuqala, imvelaphi yesikhathi nayoyonke into, futhi ngiyibhekisisa. Kwakungalokho kusa okufanayo. UNkulunkulu uhlale elapho esikhathini esibucayi, niyazi. Futhi emva kwesikhashana, ngabuka phandle, nakho kukhuphuka umbono. Ngabona imoto ihamba masishane.

42 Ngathi, “Izimo zakho bezinokuphathelana nemoto.”

Wathi, “Qhabo, angikaze ngibe sengozini.”

43 Ngathi, “Hlala ngokuthobeka nje.” Ngathi, “Ngikubona usemotweni. Ucishe washayiswa isitimela.”

Yena owesifazane, wagxuma. Wathi, “O!”

44 Ngathi, “Yebo, futhi awukho nomyeni wakho. Unenye indoda. Umyeni wakho uphesheya kwezilwandle empini, ngalesosikhathi.” Ngaqhubeka futhi ngiqala ukukwehlisa. Ngathi, “Izinto ozenzile, izinto zokuziphatha okubi! Umtshelile ngokunye kwakho, kodwa awumtshelanga ngakho konke.” Futhi waqala edazuluka, ebambe ubuso bakhe *kanjalo*. Ngathi, “Uzoba nokuhlinzwa kungekudala, futhi, ngenxa yethansela lakho, futhi ubusaba ukuthatha isilalisa zinhlungu, usaba ukuthi ungahle usho lokho, ngaphansi.” Wavele wadazuluka futhi wawa kwiphansi lendlu.

Wathi, “Lelo yiqiniso.”

Ngathi, “Ungake ufinyelele noma kuphi nalokho kulengana?”

Wathi, “Ngacela uNkulunkulu ukuba angixolele.”

45 Ngathi, “Awukaze wone kuNkulunkulu. Wona kumyeni wakho nezifungo.” Ngathi, “Buyela emuva futhi ulungise lokho, bese uza. Ngingalilawula lelodemoni-ke, uyabo.”

46 Futhi ngathi, “Empeleni, umyeni wakho,” ngamchaza ukuthi wayebukeka kanjani, ngingakaze ngimbone empilweni yami, ngathi, “unento efanayo ukuyivuma kuwe.” Ngathi, “Manje, uma ungakukholwa, mfonele futhi umtshelile ahlangane nawe.” Wangena owesifazane wase emfonela owesilisa. Bahlangana emgwaqeni.

47 Futhi nampa bebuya, izinyembezi zehla ezihlathini zabo, bexolelana. Idemoni lasuka kuye, futhi nango wayekhululekile. Niyabo?

48 Manje, kungahle ukuba ngadazuluka futhi ngampompoloza ngaphezu kwalelodemoni, ngikhipha nakho konke okunye, futhi ayengakaze ahambe kwaze kwaba lokho kwalungiswa. Niyabo? Niyabo, ufanele uthole imbangela ngaphambi kokuba uthole iselapho.

49 Uya kudokotela, uthi, “Ngiphethwe ikhanda.” Awu, angahle akunike isidambisa zinhlungu. Awu, bekuyobuya. Mhlawumbe unenkathazo yesisu ibangela ukuphathwa ikhanda. Mhlawumbe unokuhlaselwa yisifo ndawo ndawo okubangela umkhuhlane, kukwenza uphathwe ikhanda, okuthile okunye. Uzofanele ubuyele emuva, lowodokotela uzofanele ahlole lolodaba kuze kuba uyathola ukuthi imbangela ikuphi, khona-ke ususa leyombangela.

50 Njengembobo ebhakedeni, uma uthela amanzi phakathi, amanzi elokhu eqhubeka evuza. Kungcono uvale imbobo, kuqala, niyabo. Futhi lokho yi . . .

51 Manje ilapho engihlezi khona. Ngifanele ngenzeni na? Manje into enkulu kunazo zonke emhlanganweni wami, kwakuyilokhu, awukhulekelwa khona. Futhi kade ngikhuleka futhi ngacela ngomkhuleko ngenzela bonke, kodwa bathi, “Awu, uma ubungangithinta nje futhi wenze *lokhu*,” futhi ba—babona lezozinto zenzeka.

52 Futhi kulungile, iBhayibheli lathi, “Babeka izandla kwabagulayo, futhi bayasinda.” Bese kuthi-ke uma uqala lokho, ngikuzamile lokho, futhi kubabhanyazisa emgqeni, ngabeka izandla kubo. Kodwa uma bona, impilo yabo ingakanyisisiwe ngoMoya oNgewele, ukuthola uma kunanoma yini phakathi lapho, abazizwa ukuthi sebekhulekelwe. Nangu unobhala wami ehlezi lapha, nezinto azaziyo, uthola izincwadi. Akunjalo na? Bacabanga ukuthi abakhulekelwe.

53 Manje lapho ngimelene nento ethize. Futhi ngi—ngiyakholwa ukuthi uma bengingakwenza mhlawumbe bengingashumayela; futhi angikakhulu ukuba umshumayeli, kodwa ukuba bengingathola abantu ukuba babone ukuthi bazofanele ngokoqobo bazihlambulule noNkulunkulu, khona-ke ngiyakholwa bengiyoba negunya, ngoJesu Kristu, ngibhodloze amandla ayinoma yimaphi amademoni akhona.

54 Ngenkathi uPetru noJohane bedlula ngasesangweni elithiwa uBuhle, abazange bayibuze indoda ukuba yayiyikholwa, noma yayiyini, noma ngabe yini ngakho. UPetru wathi, “Isiliva negolide anginalo, kepha enginakho ngikupha khona.” Wathi, “EGameni likaJesu Kristu waseNazaretha, sukuma futhi uhambe.” Wamsukumisa, wase embamba lapho kwaze kwathi amathambo eqakala aba namandla, futhi wasuka wahamba, ehamba ngezinyawo.

55 Manje kunokuthize phakathi lapho engikufundisisayo. Futhi ngifuna nina ningikhulekele. Kulungile, nizokwenza,

nikhuleke nje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. UNkulunkulu anibusise.

⁵⁶ Phenyani, uGenesis 22 manje. Ngizofunda okunye, okwesifundo, ngaphambi kwenkonzo yomkhuleko. Kulungile, sizoqala ngale cishe i...Ake sikhulume nje ngakho kancanyanyana.

⁵⁷ Ngizonitshela ukuthi sizokwenzani. Ngifuna nina nithole kwabaseRoma 4, futhi. Ngizofundisa kancane ngokukholwa. Yilokho thina sonke esikudingayo okuningi kakhulu. Akunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ukukholwa akusiyo i...akusibo ukufakazi obubonakalayo kuphela; kuyinto ephathekayo. Ukukholwa qobo lwakho kuyinto ephathekayo nobufakazi obubonakalayo bezinto okuthi imizwa yomzimba wethu angeke izibonakalise. Futhi ngangicabanga, mhlawumbe, ekufundiseni lokhu, beku—bekuzoqhubezela ukukholwa kwenu, niyabo, kukuyise ezingeni kuye lapho ukuthi uNkulunkulu anganyakaza angene kuwe futhi akubusise.

⁵⁸ Manje asiqale sifunda cishe ivesi le 8 lesahluko sa 22. Kubhekene noAbrahama. Futhi wabizwa kuqala ngoAbrama; kwase kuthi-ke wemukela igama lakhe lobupristi, noma igama likababa wakhe; okungukuthi, elingukuthi wayenguAbrahama, okusho ukuthi, “ubaba wesizwe.” Manje lalalani.

U-Abrahama wathatha izinkuni zomnikelo obzakushiswa, wazibeka phezu kuka-Isaka indodana yakhe; waphatha esandleni sakhe umlilo, nomese; bahamba bobabili kanyekanye.

⁵⁹ Isiqephu esivusa usinga kanje lapha pho, emuva le, iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalombili namashumi ayisikhombisa nambili ngaphambi kokufika kweNkosi, uNkulunkulu esibekela manje, ekhuluma, elungela ukwenza u—umfanekiso. Futhi yena, u-Abrahama, wayeyikhehla, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, noSara, noma u-Abrahama wayenekhulu noSara enamashumi ayisishiyagalolunye. Lokho kuthi akube amashumi amane ngale kokunqamuka ukuya esikhathini, ngakho impilo kuye yase ifile. Nempilo ku-Abrahama yase ifile, ikhehla kulowonyaka.

⁶⁰ Futhi uNkulunkulu wabonakala kuye ngenkathi enamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, futhi wathi, “Abrahama, hamba phambi kwaMi futhi uphelele.” Cabanga nje, eminyakeni eyikhulu ubudala! Futhi Wamtshela okwakuzokwenzeka. Wathi, “Zonke izizwe zizobusiswa ngawe, ngenxa yokuthi uzoba...Ngizokunika indodana, ngoSara.” Manje cabangani, iminyaka eyikhulu ubudala! Kwase kuthi-ke iBhayibheli lakusho lokho.

⁶¹ U-Abrahama, niyazi ukuthi kanjani e off...wenza umnikelo wakhe, futhi wasusa izinyoni kukho kwaze kwashona ilanga; nokuthi ubumnyama bufika kanjani, noMoya

kaNkulunkulu wehla wase ukhuluma kuye. No-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu.

⁶² Manje ngifuna ukubhekana naleyondaba, *Ukukholwa uNkulunkulu*, noma, ukuMthatha eZwini laKhe.

⁶³ Manje u-Abrahama akazange abe nefu elikhulu lawofakazi njengoba sinalo namhlanje, ngokuba u-Abrahama qobo lwakhe wayengumKhaledi, nakuba ewubaba wabaJuda. Kodwa wayengumKhaledi ovela emzini waseUri. Futhi wakhishwa phakathi kwabantu bakubo, ukuba angene ezweni labezizwe.

⁶⁴ Kuhle kanjani lokho ukufanekisa uhambo lomKristu namhlanje, ukuthi sifanele siphume ezinhlaliswaneni zezwe, ukuba sihambe ezweni labezizwe, noma okuxakile e—ezweni lokuqala esangena kulo. NeZwe esilibiza namhlanje, ngukuthi hamba ngendlela yomKristu, hamba noKristu, sizahlukanisele ezintweni zezwe.

⁶⁵ Futhi wenza lokho ngokukholwa, futhi wagongobala ezweni labezizwe, engazi ngisho lapho ayeya khona. Into kuphela, uNkulunkulu wathi, “Phuma, Abrahama, futhi ungenise ezweni,” futhi wayefuna uMuzi OMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu.

⁶⁶ Manje uma lokho kwakuyilokho ebesingakubhekisela ekuphileni kwemvelo, bekuyoba, bengiyothi *isazela*, ngokwemvelo ubungakubiza kanjalo, kodwa sikubiza ngo “kuhola kukaMoya oNgcwele.” UNkulunkulu wamkhipha phakathi kwabantu bakubo, waphuma ezweni, ikhaya lakhe kuphela lendabuko, ephuma kubantu bakubo. Futhi wahlala ezindaweni zabafokazi, ezisho ukuthi wayengumhambi nomfokazi, ecinga uMuzi, efuna uMuzi. O, he, lokho kusehla kanjani kubantwana baKhe, lobo bunzima bokufuna uMuzi OMakhi noMenzi wawo kunguNkulunkulu! NoNkulunkulu wambusisa.

⁶⁷ Futhi manje-ke ngenkathi esemdala ngempela, Wathi, “Manje, Abrahama, uhambe phambi kwaMi, engophelele,” futhi ukuthi Wayezombusisa kanjani futhi amandise. Manje, uma sibuke ohlangothini lwemvelo, ngani, kwakungenakwenzeka kuye ukuba, yena ukuba nalomntwana ngoSara. Ngani, wonke amandla okuphila awasekho. USara usenamashumi ayisishiyagalolunye ubudala; u-Abrahama unekhulu.

⁶⁸ Ngani, uma ubungasho lokho kudokotela namhlanje; i—indoda inekhulu ubudala, nomkayo enamashumi ayisishiyagalolunye, wawuzoba nengane. Ngani, uyazi ukuthi bebeyokwenzenjani na? Bebeyokuvalela ewadini lezinhlanya ndawondawo, bethi, “Ngani, umfo omdala nenenekazi elidala azithi qhwi phezulu *lapha* ndawondawo.” Kodwa awubuki esimweni. Ubuka esithembisweni. Niyabo? Uma uya kofuna . . .

⁶⁹ Manje leyo indlela efanayo mayelana mhlawumbe nenenekazi esihlalweni samasondo lapha, noma abanye abenu

lapho unomdlavuzwa. U—udokotela uthi, “Wena, angeke usinde.” Manje uma ukholwa yilokho, khona-ke angeke usinde. Kodwa uzomele ubuke esithembisweni sobuNkulunkulu.

⁷⁰ Ikhehla . . . wangeniswa endaweni yakhe, wathi, “Mfowethu, woza ukhulekele ingane yami, inoxhilo omnyama futhi usuzinze enhlizweni. Nento yokulinganisa ukushaya kwenhliziyo ikhombisa ukuthi inhliziyo isivele yathi ngqu emuva, futhi seyihambile.”

⁷¹ Awu, bebengeke basingenisa ukuba sikhulekele ingane. Kodwa uma esengenile phakathi lapho, ngani, o, ofundela ubudokotela, udokotela, “Qhabo, mnumzane! Qhabo, mnumzane! Ungeke wakwenza. Unabantwana abangabakho; ungeke wakwenza.”

⁷² Kodwa nokho, ekholwa uNkulunkulu, ebonisa. Indoda yayiyiKatolika. Yathi, “Manje, ngani, ukuba isiguli besifa, nompristi ubelapha ukuba asinike amasiko okugcina, ubungamngenisa na?”

“O, akanabantwana.”

⁷³ “Futhi manje lowo aku—lowo akusiwo umbuzo. Lokhu nje kungcwele njengamasiko okugcina, niyabo, ebandla.”

“Kulungile.”

⁷⁴ Ekugcineni uyangena futhi uguqa phansi ngasohlangothini lwengane, futhi nje akhuleke olula, umkhuleko omncane; wabeka izandla zakhe phezu kwengane, wathi, “Nkosi Nkulunkulu wamaZulu nomhlaba, Owadala zonke izinto, Usipha amandla obuNkulunkulu ukuba sibhodloze amandla kaSathane, ngaphezu kwalempilo. EGameni likaJesu Kristu, Sathane phuma emntwaneni. Uyakuphila.” Waphenduka.

⁷⁵ Ubaba, “NgiyaKubonga, Nkosi! NgiyaKubonga!” Umama nabo baqala ukuhleka futhi beqhubeka.

⁷⁶ Inesi elincane lalicasukile. Lathi, “Uthi, uyazi ukuthi kanjani. . .” Lathi, “Kulungile ukuba nokukholwa, kodwa leyongane iyafa.” Lathi, “Kukanjani ukuthi nenze ngathi aninadaba ngakho na? Ngani,” lathi, “animqondanga ngokuyikho udokotela.” Lathi, “Udokotela uthe ingane iyafa. Isiquleke manje ngaphezu kosuku.” Lathi, “Animqondanga ngokuyikho udokotela.”

⁷⁷ Ukhokho umdala wathi, “Qhabo, angi under- . . . mqondanga ngokuyikho udokotela.” Wathi, “Ngikuzwile akushilo; uthe, ‘Ingane iyafa.’”

⁷⁸ Lathi, “Ngani, kodwa, uyabo, uma lento yokulinganisa ukushaya kwenhliziyo ikhombisa ukuthi leyonhliziyo ikulesosimo,” lathi, “akukaze kuwo wonke umlando owake wavuka futhi.” Lathi, “Kuhle ukuba nokukholwa, kodwa,” lathi, “nge—ngeke kwenzeke. Ukukholwa ngeke kwenza lutho manje.” Niyabo?

⁷⁹ Ikhehla, nomunwe ongaxhamazeli, labuka unesi lase lithi, “Nenekazi, ubuka kuleloshadi. Ngibuka esithembisweni sobuNkulunkulu.”

⁸⁰ Umfana useze washada manje. Kulungile. Walala kanjalo cishe amahora angamashumi amabili nane, elele, futhi khona manjalo leyonhliziyo yaqala ukuphakama. Nanso ihamba. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Niyabo?

⁸¹ Uma isethembiso sobuNkulunkulu sesenziwe, uNkulunkulu ngokwakhe ungaphansi kwesifungo nesibophezelo ukunakekela nanoma yisiphi sezithembiso zaKhe. Futhi esaKhe, i...UNKulunkulu akangangaphezulu kwalokho iZwi laKhe elikushoyo. Uma leloZwi lingenamphumela, khona-ke uNkulunkulu akanamphumela. *Lelo* nguNkulunkulu. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] NguNkulunkulu. IBhayibheli lathi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, noLizwi wayenguNkulunkulu.” Futhi angingaphezulu kwezwi lami, futhi awungaphezulu kwezwi lakho.

⁸² Ukuba benginokolo ogcwele isandla ulele lapha esandleni sami, bese ngiwubeka kulelideski, ubungasoze waba yilutho ngaphandle kukakolo ulele lapha. Kodwa tshala lowokolo emhlabathini, futhi uyoveza mhlawumbe isilinganiso somthamo kakolo. Niyabo? Kodwa, imbewana yokuphila, ekukolo. Kodwa ukolo umele uwele emhlabathini futhi ufe, uJesu washo, noma uPawulu, ngiyakholwa, owasho lokho. “Uma inhlamvu kwakolweni iwela emhlabathini, ihlala yodwa.” Niyabo?

⁸³ Bese kuthi-ke *Leli* uNkulunkulu, iZwi laKhe. Futhi ngenkathi leloZwi libambelelisa okwehange phansi e—enhliziyweni! O, uma bengingathola nje ukuba ukubone! Uma leloZwi libambelela okwehange lapho, ku—kuveza nje lokho eLikushilo. Liyokwenza nje. . . NguNkulunkulu; lifanele.

⁸⁴ Kodwa uma uthi nje, “Awu, ngiyazi iZwi lilapho; ya, kunjalo,” babeka izandla kuwe nje, ya, Li—Liyongahlumi. Kunjalo, Lingeke lanyakaza, ngoba. . . “O, mina, ngiyalifunda iBhayibheli.”

⁸⁵ Kodwa kuze kuba ungabambelelisa Lokho okwehange, futhi uthi, “Yebo, Nkosi, lokho ngokwami,” khona-ke kunokuthize okuzokwenzeka. Kumele. Kuze kube yilokho, yiZwi elilotshiwe nje. Kunjalo. Kodwa uma like laze lagxiliswa okwehange kanye!

⁸⁶ Manje, u-Abrahama, akawubukanga umzimba wakhe. Wathi, “Kulungile, Nkosi, sizoba nengane.” Kwehle njalo besingahamba amahora, kulokhu, kodwa asifuni ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu. Manje uza endaweni lapho u-Isaka omncane ezalwa khona.

⁸⁷ Futhi nangu uyaphuma, emva kokumamukela. Futhi mhlasiimbe nje. . . U-Abrahama mhlasiimbe wayeneminyaka eyikhulu namashumi amabili ubudala, mhlawumbe,

ngalesisikhathi, ikhulu neshumi nanhlanu, amashumi amabili ubudala. U-Isaka omncane mhlasmibe ishumi nanhlanu, ishumi nesishiyagalombili ubudala. Futhi uNkulunkulu wathi, “Manje, Abrahama,” wathi, “Ngifuna uthathe lowomfana unyukele entabeni phezulu ngale, bese umnikela abe ngumhlatshelelo.” Manje emva kokuba wayesemamukelile, wathenjiswa u “baba wezizwe,” futhi nansi manje inzalo kuphela anayo. Wathi, “Yenyusele phezulu futhi uyibhubhise.” Hlola okwesibili. O, he! Niyabo? “Manje, ngiyazi wawusumdala, futhi waNgikhohla, futhi ngikunika lomfana. Futhi manje uno—unombono lapha, manje, isithembiso sizogcwaliseka ngoba usunomfana. Kodwa manje ngifuna wena ukuba unyuse umfana bese umbulala.”

⁸⁸ Awu, manje, ukuba u-Abrahama uthi, “Manje-ke, Nkosi, manje buka, ngifuna ukuKubuza okuthize. Mina lapha, mhlawumbe iminyaka eyikhulu namashumi amabili ubudala, futhi ngemukela lomfana. NoSara bandla kunzima ukufinyelela, usemdala kakhulu, futhi—futhi nje useshwabene wonke futhi akasekho, ngokusondele. Futhi nakho lapho ngikhona, ikhehla, ngifaneke ngincike odondolweni, futhi ngihamba kanjena,” nje cishe kungahambeki, mhlawumbe. “Futhi sengimdala kakhulu, futhi—futhi umfana uyi—uyinsizwa lapha. Ngiyakubona Okwenzile, kodwa, yini, Uqonde ukuba ngiyibulale na? Kuqala, kuzo—kuzodabula kukhiphe inhliziyoyami. Futhi, manje-ke, ngizoba kanjani ubaba wezizwe, futhi Uzoyibulala na?”

⁸⁹ Kodwa u-Abrahama akangatatazela. Wathi, “Yebo, Nkosi!” Uthatha umfana, nampa behamba. Akazanga ukuthi kanjani. Kwakungesiyo indaba yakhe ukuba abuze. Wahlonipha.

⁹⁰ Inenekazi lapha lingahle lithi, “Ngizohamba kanjani na?” Mhlawumbe ubukhubazekile isikhathi eside; angazi. Mhlawumbe omuny’umuntu mumbé ubeyothi, “Awu, udokotela ungitshelile ukuthi angeke ngisaphila, Mfowethu Branham. Ngizofa.” Akusikho lokho esikhuluma ngakho. Leyo yinto yemvelo, niyabo. Uma ubuka kunoma yikuphi kwalokho, awusoze waphila.

⁹¹ Kodwa uzofanele ubuke esithembisweni uNkulunkulu asenzile, futhi *Leso* isithembiso. Niyabo, ingaphakathi lakho!

⁹² Lelingaphandle isono. Benikwazi lokho na? Uyazi ukuthi umzimba wakho uyisono na? Yingalesosizathu ungazami ukuphelelisa lowomzimba, uyisono. Benikwazi lokho na? Wa “zalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, ufika emhlabeni ukhuluma amanga.”

⁹³ Nalowomphefumulo uyindlela efanayo kuze kuba umphefumulo usufile bese kuthi-ke wazalwa kabusha ngoNkulunkulu, khona-ke lowomphefumulo ungeke usafa. “Umphefumulo owonile uyakufa.” “Kodwa okholwa yiMi unokuPhila okungenaphakade,” khona-ke kukhona ukuPhila okungenakubhubha kuphila kulowomzimba. Manje, lokho

kufana nomthombo uvela eZulwini, njengomnyombo kwingaphakathi lomuntu. Manje, leyo yingxenye enobungcwele, esebenza lomzimba.

⁹⁴ Kodwa ngaphambi kokuba lomzimba uke uze upheleliswe, uMoya uyowuletha ekuthobeleni uNkulunkulu, ukukwenza. Uyolwa ngasonke isikhathi, injalonzalo. UPawulu washo! Asisoze sathola okuningi ngaphezu kwakhe. Niyabo? UPawulu wathi, “Uma ngenza okuhle, khona-ke okubi kuyangilandela, niyabo.” Futhi leyo impi yanjalonzalo, inyama imelene noMoya.

⁹⁵ Futhi nakho lapho oya khona, ubuka inyama, “Udokotela uthe, futhi ngiyakholwa...” Buka ukuthi ugcelele isono kanjani! Khona-ke, angeke wakwazi ukukhonza uNkulunkulu.

⁹⁶ Uzofanele utshingele eceleni imizwa yakho. UNkulunkulu akakaze akunike leyomizwa ukuba uthembe Yena ngayo. UNkulunkulu ukunika uMoya waKhe ukuba uthembe wena... uthembe Yena. Umuzwa wakho owokuxhumana kuphela; ukubuka, ukunambitha, ukuzwa, ukuhogela, nokulalela. Kodwa kuwe, wena uqobo, yilowomoya ophila kuwe. Futhi uma lowo sewuphind'ukuzalwa nomuntu omdala esefile, nomuntu omusha esezelwe ngokusha, leyo yingxenye kaNkulunkulu; khona-ke uba yindodana kaNkulunkulu, umntwana woMdali. Ngakho-ke usungakholwa yizinto ezingenakwenzeka, ngoba wenziwe ngoNkulunkulu owenz'imanga. Uyingxenye yaKhe.

⁹⁷ Bekuyoba ngokwemvelo kimi uku-ukuphuza; ubabayi wami waphuza. Bekuyoba ngokwemvelo kimi ukusebenzisa ugwayi; ubabayi wami wakwenza, isizukulwane esisemva kwami sakwenza. Abanye bathi, “Kungani ungakaze ubheme noma uphuze na?”

⁹⁸ Awu, ngenkathi ngiseyibhungu, ngaphambi kokuba ngikuqale, uMoya oNgcwele wehla, wathi, “Ungakwenzi!” Nakho ukuphenduka, niyabo, ekuqaleni.

⁹⁹ Futhi ngisho nasemuva le ngaphambi kwalokho, ukusa engazalwa ngabo, ngenkathi iNgelosi kaNkulunkulu yama ngalapho engangikhona, leyombewu ngenkathi isesemhlabathini yaguqulwa isuka ekubeni ugudluthukela.

¹⁰⁰ Aniboni ukuthi ngiqonde ukuthini na? Niyakuthola engikuqondile na? Manje-ke phakathi lapho umoya, futhi ukusuka lapho ukuPhila kwakho okungenakubhubha. Manje-ke, “Umuntu ozalwe ngoMoya kaNkulunkulu akaseni isono.” Uthola umBhalo uqondisiwe khona-ke. Uma yena, uma... “Isikhonzi esake sahlanzwa asisenaso isifiso sesono, noma akusekho nembeza waso.” ETestamenteni eliDala, isikhonzi siyangena futhi sanikela ngomhlatshelo waso, saphuma saphindela emuva nesifiso esifanayo sesono. Kodwa lapha, nakhu, kutholeni, amaHebheru athi, “Uma isikhonzi, kuloludaba, obeka isandla sakhe phezu kwekhanda leNdodana kaNkulunkulu, izono zaso zihlanzwe ngaMandla angcwelisayo

kaNkulunkulu, asisekho isifiso phakathi lapho sesono.” O, lapho ilapho kulele khona ukuPhila! Manje-ke, lokho kukwenza umntwana kaJehova.

¹⁰¹ NoSathane angeke angilimaza khona-ke ngale kokulimaza uBaba wami. Ungeke walimaza leyontombazanyana lapho ngale kokulimaza mina, ngizokutshela ukuthi; angeke ngalimaza abantwana bakho ngale kokulimaza wena. Futhi, manje-ke, “Akafisi ukuba kubhubhe namunye noma ahlupheke.”

¹⁰² Kodwa, manje, ngaphambi kokuba lenyama lapha, ngaphambi kokuba inyama ipheleliswe, izofanele ife njengoba umphefumulo wafa.

¹⁰³ UNkulunkulu akakaze abe nentando yaKhe ephelele ngabesifazane nabesilisa ukuba balethe abantwana emhlabeni. Benikwazi lokho na? UNkulunkulu wenza umuntu, qobo lwaKhe, ngothuli lomhlabathi. Emva kokuwa... Manje angeke ngaphikisana ngalokho, ngoba niyazi nginemibono exakile ngempela kukho. Kodwa, emva kokuwa, khona-ke owesifazane waletha abantwana ezweni. UNkulunkulu wamtshela, “Ngoba uthathe ukuPhila okuvela ezweni, uzofanele ukulethe ezweni.” Bukani ukuthi hlobo luni lokuphila olwaluyilo; emva kocansi, isifiso, ngokwenyama.

¹⁰⁴ Kodwa khona-ke ngenkathi lowomzimba ufa futhi ubuyela emhlabathini, uthuli lomhlabathi; khona-ke uNkulunkulu uyothatha umoya ongayikufa kuwo, uye eMbusweni kaNkulunkulu, noma uye esihlalweni saKhe soBukhosi, iparadisi. Bese kuthi-ke ekuFikeni kwesiBili kukaJesu, umama wami ehlezi lapho nobabayi wami ongasekho abasoze badingeke ukuba banikeze lona omunye umzimba, kodwa uNkulunkulu uyobumba omunye ophelele futhi ongenakufa, futhi ungeke wafa.

¹⁰⁵ Manje u-Abrahama uthatha u-Isaka, futhi baqala ukuya ngasentabeni. Manje ivesi le 9.

Bafika endaweni uNkulunkulu abemtshela yona; u-Abrahama wakha khona ialtare, walungisa izinkuni, wambopha uIsaka indodana yakhe, wambeka ealtare phezu kwezinkuni.

¹⁰⁶ Manje ngaphambi kokuba afike nje, sengiyababona beza ngendlela; akazange atshela uSara ukuthi babeyaphi, ngoba wayeyodazuluka. Ngikholwa ukuthi kwakungukukholwa kuka-Abrahama okwenza isimangaliso esizalweni sikaSara; ngoba wakungabaza, wahleka ngisho ngenkathi—ngenkathi Kusho njalo. Kwakungukukholwa kuka-Abrahama.

¹⁰⁷ Ngakho ngakho-ke yingaleso sizathu, athi, “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo,” umkhuleko womuntu ngamunye. “Umkhuleko osebenzayo oshisekelayo womuntu olungileyo ophumelela kakhulu.” O, ukuba kuphela bewazi ukuthi, esandleni sakho, uKristu wasinika igunya, ngeGama

laKhe, ngokuba ngamaKristu, isikhali esinamandla kakhulu izwe elake lasazi. Umkhuleko, ushintsha ngisho yonke into. Uyoguqula umqondo kaNkulunkulu. Wakwenza. Emva kokuba ukufa kwase kumenyezwe endodeni, wakhuleka; UNkulunkulu watshela umprofethi, “Buyela emuva futhi umtshela ukuthi Ngimzwile.” Niyabona lapho, umkhuleko, uyabambelela!

¹⁰⁸ UBilly Graham wabuzwa, maduzane nje. UMattsson-Boze namhlanje uphezulu lapho ethatha incwadi yami eyisa kuBilly Graham, kwingxoxiswano. Kodwa, futhi bangifuna ukuba ukuba ngimlandele, lapho eWashington manje, kuleloholo elikhulu. Singakwazi ukukuthola. Kodwa manje ngabe kuyintando kaBaba na?

¹⁰⁹ Bathumele nje izolo ebusuku, ukuba ngize eWa-...noma ubusuku bakuthangi, ukuba ngize eSeattle, banomhlangano omkhulu uhamba lapho, noKapteni Al Farrar nabo bonke bafuna ukuza lapho manje, ukuba mina, ngize. Banomhlangano weGospel, bayawufuna. Kodwa ngabe intando kaBaba na? Leyo yinto elandelayo.

¹¹⁰ Bangibiza, ihholo elikhulu, mahhala, eBaltimore, lihlalisa abantu abayinkulungwane elishumi, awudingeki ukukhokha upeni ngalo. Abefundisi abangamakhulu amahlanu namagama abo esephepheni, phezulu lapho endlini manje, “Sizoxhasa, ikhulu lamaphesente. Sonke sisephepheni, yonke indawo.”

¹¹¹ “Manje, Baba, Ufuna ngiye kuphi na?” Lokho ngokulandelayo. “Ngitshele manje, futhi ngizohamba.” Niyabo? Nakho lapho okukhona.

UBilly wathi, “Uyazi ukuthi ngiyivumela kuphi impumelelo yami na?”

Ngathi, “Anginalwazi.”

¹¹² Wathi, “Ngibamba mihlangano emincanyanyana.” Wezwa ngalemihlangano. Waphuma waya ethendeni elincane, kwakuphandle lapho eLos Angeles, ebambe umhlangano omncane nje. Futhi bonke abaseNorthwestern College baqoma ukuzila ukudla nokukhuleka. NoNkulunkulu wathumela ezansi cishe izintatheli ezingamashumi amahlanu zephephandaba, futhi kwajika emhlanganweni wakhe, futhi kwasabalala sonke isizwe.

¹¹³ Ngenkathi ngiqale ngalokhu ukumemezela lapha, ngatshela ibandla lami, “Hlalani ebusweni benu futhi nikhuleke.” UNkulunkulu uqala ukunyakaza. Into yokuqala niyazi, ngezwa izingcingo zivela eAfrica, kuwo wonke umhlaba. Kwafika kanjani lapho na? Angazi. Umkhuleko wenyuka.

Khuleka! Kholwa uma ukhuleka. Kunjalo. Kholwa!

¹¹⁴ U-Abrahama, ngenkathi esemdala, wakholwa. NoNkulunkulu wamtshela ukuba ahambe, futhi walalela.

Futhi esemgwaqeni wakhe ephuma, sengiyambona ethatha izinceku zakhe neminyuzi emincane, futhi baqala ukusondela entabeni kaNkulunkulu. O, ngiyakuthanda nje lokhu. Lalela lokhu. Washo encekwini yakhe, wathi, “Hlala lapha ngenkathi sisaya ngale, futhi umfana nami siyakubuya.” O, o, he! Uxolo, amadlingozi ami ayangishiya ngezinye izikhathi. “Umfana nami siyakubuya.” (“Kanjani na? Angazi. Ngenyukela lapho ukuba ngimbulale.”) Manje uma e . . . wayazi, ngandlela thize, ngenye indlela, uyobuya, futhi lapha wayenommesa unamathele ebhandeni lakhe.

¹¹⁵ Futhi wabeka izinkuni emahlombe kaIsaka. NoIsaka wenyuka igquma, eholwa ngu-Abrahama. Isifanekiso esihle kanje pho! Indodana yakhe kuphela, eyisa egqumeni. Futhi lona impela ialtare abeka indodana yakhe kulo, yalitshatha wenyuka igquma emhlane wayo. Isifanekiso sikaNkulunkulu ethumela iNdodana yaKhe inyuka iGolgotha, inesiphambano somuthi emhlane waYo, sona impela isiphambano Abethelwa kuso, nalapho u “Nkulunkulu engayisindisanga iNdodana yaKhe uQobo.”

¹¹⁶ Lapho uIsaka omncane waqalaza, wathi, “Baba,” wathi, “nanti ialtare nom—nomlilo, kepha,” wathi, “uphi umhlatshele na?”

Wathi, “UNkulunkulu Uzozihlinzekela ngomhlatshele.”

¹¹⁷ Wabopha indodana yakhe eyodwa encane, wayiphonsa phezu kwealtare, wahosha ummesa wase eqala ukuthatha impilo yayo. “Nkulunkulu, Uyiphile.”

¹¹⁸ Futhi lapho eseqalile, udonsela ummesa phansi, iNgelosi yaxhakathisa isandla sakhe, yathi, “Abrahama, Abrahama, bamba isandla sakho!”

¹¹⁹ Khona lapho nje iwundlu elincane, inqama, yakhala ehlane, inezimpondo zayo zihhukeke ngasemivini ethile. U-Abrahama waphuthuma masinyane, waxhakathisa inqama, wathukulula umfana wakhe; futhi ukubambela, niyabo, futhi wabulala inqama. Khona-ke i . . .

¹²⁰ UNkulunkulu wakhuluma ku-Abrahama, wathi, “Abrahama, Ngiyazi ukuthi uyaNgithanda. AwuNgigodlelanga lutho.”

¹²¹ Manje bukani, okwendikimba engiyifunayo, asiyifunde evesini le 13 nele 14.

U-Abrahama waphakamisa amehlo akhe, wabona, bheka ngemuva yinqama ibhajiwe esihlahleni ngezimpondo zayo: u-Abrahama waya wayithatha inqama, wanikela ngayo. . . umnikelo wokushiswa esikhundleni sendodana yakhe.

¹²² Niyazi ukuthi Kwakungubani leyonqama na? Lowo kwakunguKristu; Owanikelwa phezulu, esikhundleni.

U-Abrahama waqamba igama lendawo ngokuthi uJehova-jire: njengalokhu kuthiwa nanamuhla, Entabeni yeNkosi kuyabonelelwa.

¹²³ Jehova-jire, okungukuthi kwakuyiGama lokuhlenga lokuqala likaNkulunkulu. *Jehova-jire* kusho ukuthi “iNkosi izozihlinzekela umhlantshelo.”

¹²⁴ Manje, WayenguJehova-jire, WayenguJehova-rafa, -nisi, futhi kwehle njalo kanjalo. WayenamaGama ayisikhombisa ayihlanganisela okuhlenga. Nabambelayo empilweni yomuntu, wathatha iwundlu wase elinikela njengomhlatshelo ohlinzekiwe, ukuthi kuSaka zonke izizwe ziyobusiswa, nangoIsaka kwaphuma uKristu. “Futhi thina singabafile kuKristu, sithatha eNzalweni ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso.” Nakho lapho okhona. Nalokho kuletha, hhayi emizimbeni yethu; singabeZizwe emizimbeni yethu, siyizoni emizimbeni yethu. Kodwa emiphfumulweni yethu, sizelwe ngokusha ngoMoya ofanayo owawuphezu kuka-Abrahamba othembekile, lobobunzima enzansi phakathi lapho kuzenya sifune ukuthemba uNkulunkulu, kodwa umzimba uyethuka. O, uma singabantwana baka-Abrahama, asibe njengoba ubaba u-Abrahama wayenjalo.

¹²⁵ Manje *Jehova-jire*, “iNkosi izohlinzeka umhlatshelo.” Wahlinzeka ngomhlatshelo.

¹²⁶ Manje kwabaseRoma, isahluko se 4, asiqale evesini le 17.

(Njengokulotshiweyo ukuthi, Ngikumisile ubenguyise wezizwe eziningi.) . . .ogaxekile . . .ngaphambi kwalowo akholwa nguye, ngisho uNkulunkulu, yena ophilisa abafileyo, nobiza okungekho ngokungathi kukhona.

¹²⁷ Manje niyabo? Khona-ke thina, njengamaKristu, asibuki, sizwe, sibone, sinambithe, sihogele, silalele, uma sikhuluma kuNkulunkulu. Sikholwa uNkulunkulu nje; futhi kwabalelwa ku-Abrahama kube ukulunga.

¹²⁸ Manje, imizwa iyizinsiza zokwezwe. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, uNkulunkulu angayilawula, ngiyokwamukela lokho. Kodwa ayinikiwe thina ukuba sixhumane noBaba wethu waseZulwini, ngoba Akekho enyameni yomuntu. UNkulunkulu ungumoya. Futhi sixhumana naYe ngomoya, ngokwethemba, sikholwa. Manje uma sithi ngi—ngine . . .

¹²⁹ Ngenkathi nginanoma yiziphi izinwele, ngangezinwele ezingamagagasi njengobabayi wami. Ubabayi wami wayena—namehlo asondelene, angene ngaphakathi, aluhlaza sasibhakabhaka. Abantu abaningi bathi, “Ubukeka njengobaba wakho,” noma, “ubukeka njengomama wakho.” Awu, nginezinto eziningi ezi—ezifana nabantu bakithi. Umkhulu wami omdala wakha itabernakele lapha. Abanye bathi, “O, ufana nomkhulu

wakho nje. Ubukeka njengomkhulu wakho. Ukhuluma njengaye. Unemvelo efana neyakhe.” Yini leyo na? Uhlobo oluthile obeludluliselwa ezansi ngalesosizukulwane, enginalo lapha.

¹³⁰ Ubukeka njengomzali wakho, noma okuthile ngabo. Ubone intombazanyana, uthi, “Ayibukeki njengomama wayo na? Iziphathisa okukamama wayo.” Nike nababona abantu benza lokho.

¹³¹ Manje uma sizalwa nguBaba wethu waseZulwini, uNkulunkulu, “Obiza lezozinto ezingekho njengezikhona,” kuzofanele kube nokuthile phakathi kithi efana naLokho. Niyabo? Yilesosizathu ukuthi umKristu ohlukanisile ngempela, konke lokho kuvela kuNkulunkulu, ubukela kulokho uNkulunkulu akusho esikhundleni sokubonayo noma ukuzwe. Lowo ngumuntu wasemhlabeni, nokho. Uma sihamba enyameni, ngeke sathokozisa uNkulunkulu. Sihamba ngoMoya. Niyabo?

¹³² Manje uNkulunkulu wenze konke, ngaphezu kwesibopho saKhe ukuba asenze. Uthumele abaprofethi nabapristi. Uthume—Uthumele iNdodana yaKhe. Uthumele uMoya oNgcwele. Wenze konke, futhi waze wathatha isifungo ngaYe uqobo ukuthi Uyokwenza lezizinto.

¹³³ Manje uma uNkulunkulu esezinza futhi ejula phansi *lapha!* Niyabo, ikakhulu uma uthola okukaNkulunkulu phakathi *lapha*, kakhulu uyokholwa uNkulunkulu, ngoba kunokuningi ngaYe. Futhi ikakhulu uma uzijwayeza lokhu phansi *lapha*, kakhulu ungakholwa uNkulunkulu. Njengomntwana nje, uma engumfo omncanyanyana, mhlawumbe akazi kakhulu kakhulu ngaKho, kodwa, esakhula, uqala ukwazi kakhulu ngoNkulunkulu. Futhi ilapho lomoya phakathi lapha uthatha imvelo kaBaba wethu waseZulwini, OnguNkulunkulu, njengoba ngithatha imvelo kababa wami wasemhlabeni ongumzali wasemhlabeni.

¹³⁴ Manje bukani. O, ngiyakuthanda nje Lokhu! Lalelani manje.

... *UNkulunkulu*, owavusa *abafileyo*, *wabiza izinto ezingekho kungathi zikhona*.

¹³⁵ Niyazi ukuthini? UNkulunkulu wawenza kanjani umhlaba, lomhlaba enihlezi kuwo kulokhu ukusa na? Abantu abafuni ukukholelwa ekukholweni. UNkulunkulu wawenza kanjani umhlaba na? Wawukhuluma. Amen. Niyakubona na? Wakhuluma, futhi umhlaba waba khona. Nalomhlaba, kulokhu ukusa, uyiZwi elikhulunyiwe likaNkulunkulu, futhi Wakholwa iZwi laKhe uQobo.

¹³⁶ Nanti! Libhekisiseni! Futhi uma uNkulunkulu, futhi uyinzalo yaKhe, noNkulunkulu ephakathi kuwe, Uyolikholwa iZwi laKhe uQobo. Nakuba kungeke kwabonakala, kuzwiwe, kunambitheke, noma yini okunye, uyoLikholwa. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngokuba uNkulunkulu, ekuwe, uyolikholwa iZwi laKhe uQobo. Kunjalo na? [Ibandla lithi,

“Amen.”—Umhl.] Khona-ke awubuki izinto ozibonayo. Ubuka izinto uNkulunkulu azisho.

¹³⁷ Umuntu akanakho ukunqoba okukhulu kakhulu ngenkathi ehla. Ngazi lokhu, impela. UNkulunkulu wenza izimangaliso ngodokotela ohlinzayo oqeqeshiwe, ngemithi yezokwelapha. UNkulunkulu uyakwenza. Umuntu akakwenzi. UNkulunkulu uyakwenza. EmaHubweni 103:3, kuthi, “NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zakho.” Akukho ukuphilisa okungabakhona, kuphela ngoNkulunkulu.

¹³⁸ Omunye umuntu wathi, “Udeveli angaphilisa.” Udeveli akakwazi ukuphilisa; angazisho.

¹³⁹ Njengomunye ezama ukubuyela kumphathi, wathi, “Kungani, Mfowethu Branham,” wathi, “awu, he, uJesu wathi, ‘Kuyoba nabaningi abayoza kiMi ngalolosuku, futhi bathi, ‘Nkosi, angibakhiphanga odeveli ngeGama laKho na?’ nayoyonke into kanjalo.’ Awu,” wathi, “lokho akusho ukuthi ungumKristu. Wayekhuluma eqhubeka, ‘Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.’”

¹⁴⁰ Umfowethu wathi, “Kodwa umzuzu nje, leyo yindlela, nina sigejana sabefundisi bezenkolo.” Ngathi, “Niyehluleka ukubona umqondo wangempela womBhalo. Nihlale njalo nona enhliziyweni yenu, ‘Nifundisa iMfundiso amasiko omuntu.’”

¹⁴¹ Behluleka ukubona lowo eyiNdodana kaNkulunkulu. Bathi, “UnguBelzabule.” Behluleka ukubona imiBhalo eyayikhomba ngokucacile kuJesu eyilowo.

¹⁴² Wathi, “O, nina bazenzisi,” wathi, “nikwazi ukuhlola isimo sezulu, kepha anikwazi ukubona izibonakaliso zesikhathi. Ngokuba ukuba benikwazi, beniyongazi Mina nazi nosuku lwaMi, izinto ezazifanele zibe yizo.”

¹⁴³ Futhi siyabona namhlanje ukuthi uNkulunkulu wethembisa, ngalezizinsuku zokugcina, ukuthi lezizizinto ziyokwenzeka. Yini indaba ngabantu na? Baphuphuthekile.

¹⁴⁴ Lawomandla edemoni, ngisho nasesigabeni sezenkolo! “Wena wathi, ‘uJesu akazange asho lutho.’”

Bathi, “Sikhipha odeveli.”

¹⁴⁵ UJesu wathi, “Angazanga lutho ngakho.” Babesho izinto abangazenzanga. O, thina. . .

¹⁴⁶ Omunye washo, ihlelo e—elithile lebandla, wathi, “Umshumayeli uBranham makaphilise oyedwa, futhi ngizophilisa idazini.”

Ngathi, “Uma ngiphilisa oyedwa, ubungaphilisa idazini.”

¹⁴⁷ Wathi, “Ukuba ubunesiphiwo othi unaso njengaleso,” wathi, “awuphumeli ngani esibhedlela bese uthi, ‘Nonke nina bantu enigulayo vukani futhi niphume?’” Wathi, “Bonke bazofanele bakulalele.”

Ngathi, “Ngabe ungumshumayeli weVangeli na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

¹⁴⁸ Ngathi, “Yehlela lapha ejoyintini lonqenqema bese uthi, ‘Nonke nisindisiwe, qhubekani niphume.’”

Wathi, “Bengingakwenza ukuba bebezongikholwa.”

Ngathi, “Nami bengingakwenza.”

¹⁴⁹ Nakho lapho okhona, ukukholwa eZwini! Niyabo? Ubungesindise muntu. Nokushumayela iVangeli lensindiso akukwenzi umsindisi ngokukaNkulunkulu, kungengaphezulu kokushumayela ukuphilisa ngokobuNkulunkulu kungenza umphilisi ngokukaNkulunkulu, kodwa ngukukholwa eZwini likaNkulunkulu elikhulunyiwe.

¹⁵⁰ Futhi ngiyakwazi lokhu, ukuthi abanye bethu banokukholwa okuningi kunabanye, nalabo abanenala yokukholwa bafanele bakhulekele labo. Kodwa uma ungaphili uhlobo olufanele lokuphila, kungcono uqhele kukho; udeveli uyowuhleka umkhuleko wakho. Kodwa uma uphila kahle futhi wenza kahle, futhi uziphathe kahle, futhi ube nokukholwa kuNkulunkulu, uSathane uyoqhaq hazela ngenkathi ukhuluma, ngoba uNkulunkulu wafunga ngaphansi kwesibophezelo ukuthi Uyonakekela lowo mkhuleko. Lelo yiqiniso.

¹⁵¹ Manje lalelani. U-Abrahama manje ikhehla. O! Ngizodlula ngokuphuthuma. Ikhehla manje, eselishayeke ngempela empilweni, ikhulu leminyaka ubudala, uNkulunkulu wayesevele emnikile lendodana, ciske ishumi nesithupha noma iminyaka eyishumi nesishiyagalombili kamuva; noma mhlawumbe—mhlawumbe ikhulu neshumi nesishiyagalombili, iminyaka engamashumi amabili ubudala. Wathi, “Manje mkhuphule, umbhubhise.”

¹⁵² No-Abrahama akangabazanga esithembisweni. Lalelani kulokhu. WayenjengoNkulunkulu, wayenengxenye kaNkulunkulu kuye, ngokuba wakholwa. Lalelani, ivesi le 18.

Futhi owathi kungekho themba wakholwa ngethemba;... (Kwakungekho ngisho ithemba lakho, nokho yena)... wakholwa ngethemba, ukuze abe nguyise wezizwe eziningi; njengalokho okwashiwo ukuthi, Yoba njalo inzalo yakho.

¹⁵³ Manje lalelani, ivesi le 19. Gqokani amajakhethi; niphakamise inkomishi. Qaphelani.

Engabanga buthakathaka ekukholweni, wabona umzimba akawubonanga obusufa,...

¹⁵⁴ Manje, uma ubaba wakho, u-Abrahama, ongumntwana wakhe, ngoKristu, engawunakanga umzimba wakhe uqobo ngenkathi esefile, kuthiwani ngowakho ophilayo kulokhu ukusa na? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini?

Nalokho kwakungaphambi kokufika kukaKristu, lokho kwakungaphambi kwanoma ikuphi ukuHlawulela okwenziwa, lokho kungaphambi kwesixuku esikhulu sawofakazi esasesidlulile, ngaphambi kokuba kufike uMoya oNgewele, no-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu! “Engongebuthaka ekukholweni, akanakanga umzimba wakhe.” Ungakunaki ukugula kwakho. Naka uNkulunkulu akushilo ngakho.

¹⁵⁵ Ukuba nganginake owami, ngenkathi iZelamani zakwaMayo zingitshela, “usuphelile,” ngabe kwaphela ngami. Kodwa angiwunakanga umzimba wami. Angikunakanga ukugula kwami. Angikunakanga abakushoyo. Nganaka okwashiwo uNkulunkulu.

¹⁵⁶ Kodwa ngenkathi ngiphuphuthekile, ngizulazula lapha ngifake izibuko, ngangingakwazi ngisho nokugunda izinwele; ngikhumula izibuko zami kumgundi wezinwele, nekhandla lami liqhaq hazela ngize ngihlale phansi, ngimdedele agunde izinwele zomuny’umuntu isikhashana, bese-ke ebuyela esihlalweni somgundi wezinwele futhi azame ukugunda ezami. Kuthiwani ukuba ngakunaka na? Kodwa angibunakanga ubumpumpu the bamehlo ami, ngenkathi sengifunde ngoNkulunkulu.

¹⁵⁷ Ngenkathi udokotela engitshela ukuthi, “Ukudla okuqinile okukodwa okugwele umlomo kuzothatha impilo yakho.” Ngenkathi ngidonse . . . Umama wami uhlezi lapho njengofakazi. Babenginika amanzi kabhali nojusi wepruni ocwengiwe; ngaphila ngakho unyaka, cishe. Bathi, “Awu, ukudla okuqinile okukodwa okugwele umlomo bekuymbulala.”

¹⁵⁸ Ngiqala ukufunda iBhayibheli, futhi ngathola uNkulunkulu, emphefumulweni wami. Ngifunda phakathi lapho lapho kuthi, “Noma yini oyifisayo, uma ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwamukela.”

¹⁵⁹ Akukaze kube nomkhuleko owashiwo etafuleni lethu. Ngiyakhumbula ubabayi ehlezi ekhloneni lapho. Ngathi, “Singakhuleka na?” Umama wabuka ngale wase eqala ukukhala. NoPop akazanga ukuthi enzeni.

¹⁶⁰ Ngathi, “Nkulunkulu!” NgangineBhayibheli lihlezi etafuleni. Ngathi, “Uma ngifa, ngiza eKhaya, ngithemba Wena. IZwi laKho lasho lokhu. Ngizofanele phakathi kokuthi nginake okushiwo ngudokotela, noma nginake Okushilo. Ngithathe izwi lakhe unyaka futhi angingcono; ngiya ngokuba mubi kakhulu. Angisezokunaka akushilo, futhi. Nginaka Okushilo.” Futhi ngacela isibusiso.

¹⁶¹ Sasinobhontshisi, nesinkwa sommbila, no-anyanisi. Ngakhipha indishi egwele khona, ngaqala ukudla. Ukuluma kokuqala kwaya esisiswini sami, kwathi akungibulale. Ngangifanele ngibambe isandla sami phezu komlomo wami, ukukuvimbela kungabuyi. Futhi kwakulokhu kubuya, futhi ngangikugwinya; kubuye, ngangikugwinya. Kodwa

angisinakanga isisu sami. Nganaka lokho uNkulunkulu akushilo ngakho, hhayi lokho engakuzwayo; kwakungishisa.

¹⁶² Ngaphumela esitaladini, futhi ngangihamba ngehla isitaladi *kanje*, amathe evuza emlonyeni wami. Wathi, “Uzizwa kanjani, Billy na?”

Ngathi, “Kahle kakhulu!”

¹⁶³ Izinsuku zedlula, amaviki edlula; ngisalokhu ngihamba, ngimi ezansi esiseleni, nesisu sami kanje, ngibambe isandla sami *kanjalo*. Ngibambe *kanjalo*; ngicula, “O, ngiyamthanda uJesu!” Ngisilengise, bese ngihlanzela phakathi; ngimpompoloze, “O, ngiyamthanda uJesu.” Nje ngiphafuza lokho kudla, kubuye, nginenzululwane kakhulu kunzima ukuba ngisebenze.

Wathi, “Uzizwa kanjani kulokhu ukusa na? Billy, uyagula na?”

Ngathi, “Qhabo. Ngizizwa ngikahle kakhulu.”

¹⁶⁴ Khona-ke, kamuva ngenkathi sengifakazile, omunye wathi, “Uqambe amanga-ke.”

¹⁶⁵ Ngathi “Qhabo, angikaze. Ngangingakhulumi ngalemizwa lapha emzimbeni; ifile. Ngacabanga uKristu egeleza kimi.” Ngathi, “Ngangithatha lokho Akusho, futhi ngazizwa ngikahle kakhulu ngakho.”

¹⁶⁶ Nakho lapho okhona. Ungawunaki umzimba wakho uqobo. Ungazinaki izifo, ngoba ngezikadeveli. Kunjalo. Naka isithembiso sikaNkulunkulu.

¹⁶⁷ Omunye kungekudala wathi, “Manje, buka, ungeke washumayela ukuphilisa ngokukaNkulunkulu ekuHlawulelweni.” Okhaliphile, umshumayeli ongumBaptisti, owayenguye.

¹⁶⁸ Ngathi, “Manje angeke ngaphikisana nawe ngokuHlawulela, okungukuthi ngiyazi akukho ongama ngakho; oqave kakhulu.” Ngathi, “Ngiyazi awunakho ongama ngakho. . . Nanku umBhalo owodwa, kwengamashumi amane, uzokhipha yonke into. ‘Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sasiphezu kwaYo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina.’” Ngathi, “Ukusebenzisa kuphi lokho, eKalvari na?”

¹⁶⁹ Ngathi, “Uyawakholwa amagama ayisikhombisa okuhlenga, amagama ayinhlanganisela ayisikhombisa, angakaJesu na? Uma kwakungesuYe, futhi engagcwalisanga, futhi kuYe kwakuyilawomagama ayinhlanganisela, Wayengesuye uJehova-jire. Kuno*Jehova-jire*, ‘Umhlatshelo kaNkulunkulu ohlinzekiwe,’ futhi uzofanele uvume lokho kungenjalo uthi Wayengesiyi iNdodana kaNkulunkulu. Ngakho-ke uma Engu*Jehova-jire*, Ungu*Jehova-rafa*, ‘umphilisi,’ futhi. Ngokuba, wonke amagama ayinhlanganisela, ‘ukunqoba kwethu,’ ‘ibhanela lethu,’ ne ‘sihlangu sethu,’ ne ‘hawu lethu,’ no

‘kuphiliswa kwethu,’ ne ‘nsindiso yethu,’ ‘umhlatshelelo wethu ohlinzekiwe,’ konke kulele kuYe! Futhi ngenkathi Efa eKalvari, Ebaphucile ababusi izikhali; wavuka, waneka izandla zaKhe, wathi, ‘Kufeziwe!’ Haleluya! Udeveli wathuthumela; isihogo sazamazama; isifanekiso sayoyonke indlela. Futhi Wavuka ngokusa kwePhasika, ‘NgiNgophilayo ngangifile.’ NaNgo, uJehova-rafa, uJehova-manase. *UJehova-jire*, ‘uNkulunkulu uhlinzeke umhlatshelelo.’” Akabanga nazwi ukulisho.

¹⁷⁰ Bese kuthi-ke emuva lapho, njengoba uJesu athi, “Njengokuba uMose waphakamisa inyoka yethusi ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa.” Futhi uma ukukhanyisa lokho kukhanya kukaNkulunkulu emuva lapho, esifanekisweni, ukubuka ngaphezu kwenyoka yethusi okwakunguphawu . . .

¹⁷¹ [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.] Wathi, “Ngifanele ngigcine izwi lami. Wena ufanele ufe.” Umfo bandla wayentengezela. Wathi, “Yini engingakupha yona ngaphambi kokuba ngikubulale na?”

Wathi, “Ingilazi yamanzi.”

¹⁷² Ngakho wahamba wase ethola ingilazi yamanzi. Futhi wayeyibambe ngesandla sakhe, futhi evevezela *kanjalo*, wayengakwazi ukuyibamba. Futhi wathi, “Manje, awume umzuzu, qonda.” Wathi, “Angizukukubulala noma ngithathe impilo yakho kuze kuba uphuza lawomanzi.” Nesigqila sawachitha phansi. Uzokwenzani na? Uma engumuntu olungile, uma ezoligcina izwi lakhe. Uma engaligcini izwi lakhe akasuye umuntu olungile. Uzofanele amkhulule, kungenandaba ukuthi imithetho yezwe yayithini.

¹⁷³ Futhi uma uJesu athi, “Konke enikucelayo, uma nikhuleka, kholwani ukuthi nikwamukele,” Uzofanele akugcine. Ulungile. UkuHlawulela, noma kungekuHlawulela, lelo yiZwi laKhe.

¹⁷⁴ Umfana wahamba kungekudala waya kwelinye ikolishi, ukuba afunde konke okuningi kwezinto ayengafanele ngabe uzifundile. Ngakho umama wakhe omdala wagula. Omunye womakhelwane bakhe wayengowebandla leFull Gospel, baletha umelusi ekhaya. Wathi, “Ake ngenyuse umelusi lapha futhi akukhulekele.” Wathi, “Ukahle, indoda elungile, futhi uyakholelwa kuNkulunkulu,” wathi, “makeze akukhulekele.”

Ngakho owesifazane wathi, “Kulungile.”

¹⁷⁵ Udokotela akakwazanga ukumenzela lutho, ngakho insizwa yenyukela lapho, umelusi, wase ekhulekela owesifazane osemdala, futhi wabeka izandla zakhe kuye ngokukaJakobe, noma ngokukaMarku 16. “Bayakubeka izandla kwabagulayo, futhi bayakusinda.” Uyenyuka futhi wabeka izandla zakhe phezu kowesifazane. Izinsuku ezimbalwa, wayesevukile futhi ehamba mayelana nomsebenzi wakhe, wayesindile.

¹⁷⁶ Ngenkathi indodana yakhe isibuyele ekhaya ivela ekolishi, ngani, yayijabule kakhulu, niyazi, futhi ibona umama wayo ejabule kakhulu, yathi, “Ubuqhuba kanjani, mama na?”

¹⁷⁷ Wathi, “Kahle nje.” Wathi, “O, ndodana, ngikhohliwe ukukutshela ngokuthile.” Wathi, “Ngenkathi ubusahambile leminyaka emine,” wathi, “Ngagula. Futhi, uyamazi, uNkk. *Sbani-bani* ngapha ongowebandla leFull Gospel.” Wathi, “Umelusi wakhe uyenyuka futhi wabeka izandla kimi ngokukaMarku 16, futhi ngasinda.” Wathi, “Odokotela abakwazanga ukungenzela lutho ngenkathi ngisenalelolumbo lokugula.” Wathi, “Ngasinda kanjalo-ke.”

¹⁷⁸ Wathi, “Awu, mama, ngifuna ukukwazisa okuthile.” Wathi, “Isizathu, ngihambile ekolishi, safunda lokhu.” Wathi, “Amavesi okugcina ayisishiyagalolunye kaMarku 16 aliphefumulelwe.” Wathi, “Lelo lafakwa lapho yiVatican.” Wathi, “Akukho mlando osho ukuthi leloZwi phakathi lapho liphefumulelwe.”

Nowesifazane omncane wathi, “Udumo kuNkulunkulu! Udumo kuNkulunkulu!”

Wathi, “Yini indaba ngawe, mama na?”

¹⁷⁹ Wathi, “Uma uNkulunkulu engangiphilisa ngamaZwi a ‘ngaphefumulelwe,’ Ubengenzani ngaLawo eliphefumulelwe na?” Nakho lapho okhona. “Uma ubengenza lokho ngamaZwi ‘angaphefumulelwe,’ Ubeyokwenzani ngaLelo eliphefumulelwe na?”

¹⁸⁰ Lapho kunezithembiso ezingamakhulu ayisithupha nento eziqondiswe eBandleni ngezinsuku zokugcina, ukuthi lezizinto zizokwenzeka, naMandla aKhe asalokhu enjalo! “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Noma yini enikufisayo uma nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwamukela. Uma nihlala kiMi neZwi laMi likini, celani enikufisayo futhi niyakwamukeliswa. Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza; okukhulu kunalokhu, uma Ngiya kuBaba waMi. Bheka, Nginani njalo, ngisho nasekupheleni kwezwe. Lapho ababili noma abathathu behlangene ngeGama laMi, futhi bekuvumelana kunye kunoma yini futhi becela, bayakwamukela.”

¹⁸¹ Khohlwa ngakho, mfowethu. Kuyintando kaNkulunkulu ukukwenza. Yebo, nguSathane kuphela ekuphanga. Kholwa nguYe.

*Futhi owathi kungekho themba wakholwa
ngethemba, ukuze abe nguyise wezizwe eziningi;
njengalokho okwashiwo ukuthi, Yoba njalo inzalo
yakho.*

*Engabanga buthakathaka ekukholweni, wabona
umzimba wakhe obusufa, . . .*

182 Kungesizo izimo, kungesikho lokho omunye umuntu akushilo, “Kungathiwani ukuba omunye umuntu ufile, ngenkathi, unento efanayo na?” Ungakunaki, niyabo.

... eneminyaka engaba-ngeyikhulu, ne... sizalo sikaSara sifile:

183 Wayebandakanywe kuso. UNkulunkulu akamnikanga neze uSara isithembiso; Unika u-Abrahama isithembiso, kodwa uSara wayebandakanyiwe. Wenza isithembiso kuJesu Kristu, futhi ngabandakanywa kuYe, wawunjalo nawe. Niyabo?

Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa waqina ekukholweni, enika uNkulunkulu udumo;

Eqinisekile ukuthi, lokho akwethembisile, wayenamandla futhi ukukukwenza.

... ngalokho-ke kwabalelwa yena ukuthi kungukulunga.

Kepha akulotshwanga ngenxa yakhe yedwa, ... akubalelwa kodwa yena;

Kodwa nangenxa yethu, esiyakubalelwa khona thina, esikholwa nguye owavusa... uJesu iNkosi yethu kwabafileyo;

Owanikelwa ngenxa yamacala ethu, wavuswa ngenxa yokulungiswa kwethu.

184 O, mfowethu, lokho nje... Ngingashaya udeveli ebusweni ngalokho, izinsuku ezingamakhulu amathathu namashumi ayisithupha nahlanu onyakeni, niyabo. “Ungumqambi manga. Nanto iZwi; Ngiphilisiwe.”

185 Uma umuntu-mumbe eza enyuka futhi akufake kuwe, uma umuntu-mumbe waphuma lapha futhi wenze uhlobo lwento ethile kuwe, futhi akusindise, akukufaki ugqozi. Kodwa lapha ilokhu okuyikho, okholwayo, “Ngiphilisiwe manje.”

186 Uma uNkulunkulu ehla futhi wangiphilisa ngokuyikho, khona manjalo, ngesimangaliso, bekungebe kukhulu njengoba bekuyoba njalo uma ngingabona isithembiso sikaNkulunkulu futhi ngisithathe ngisifake enhliziyweni yami. Ngimi lapho, ngingathi, “UJesu manje uyangiphilisa, ngokuba ngamukele iZwi laKhe. Lisenhliziyweni yami. Unginxusela phambi kukaBaba. Ngiyakusinda.” Nakho uNkulunkulu akuthandayo. Ume lapho eZwini laKhe bese uthi, “Kunjalo! Uyangiphilisa manje, nsuku zonke.”

187 Lowo kwakungowesifazane owayenesifo zokuvuvuka komphimbo, “Sengiyabona.” Ngimnika nje okuthile ukuba akwenze. Ngakho...?... [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]... wayengeke afune nayikuphi nhlobo. Kodwa wayejabule, wathi, “O, buka, buka!” Futhi usuku olulandelayo kwakucishe

kube *kangako*. Bese-ke usuku olulandelayo, cishe *kangako*. Wakubeka konke ndawonye, wathi, “Lokho, *lokho* ngeke kwaba ngokungesikho.” Niyabo, nakho lapho okhona.

¹⁸⁸ Ngenkathi uElija wayevale amazulu, okungukuthi alinanga isikhathi seminyaka emithathu, uElija wenza lokho, “malingani iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha,” futhi ngenkathi agwacisa ikhanda lakhe phakathi kwamadodlwana akhe amadala. Mhlasimbe, uma ubengathi thushu emnyango wakho kulokhu ukusa, ubungamxosha. Uboya bonke buphume ekhanda lakhe njengokungathi angazi ukuthini, isiqeshana esidala sesikhumba semvu ezisonge ngaso *kanje*, nesitshana samafutha nenduku, futhi nangu eza, lelokhanda elinempandla licwebezela. Wahhala phansi lapho, wabeka amadolo akhe phansi, ikhanda phansi phakathi namadolo akhe, futhi wakhuleka, “Nkulunkulu, inkathazo iseceleni manje. UIsrayeli usephendukile. Woza, Nkosi, futhi ubathumele imvula.”

¹⁸⁹ Njengalowo wesifazane ngolunye usuku, ngenkathi isono sesiphumile, ngathi, “Sathane, ungeke wambamba.” Qhabo, mnumzane. Kunjalo.

¹⁹⁰ “Woza, Nkosi. Kulungile, inkathazo ayisekho.” Wakhuleka kasithupha, ubuyela ezansi. Lokho akumvimbanga, waqhubeka nokukhuleka. Kunjalo. Kwase-ke emva kwesikhashana, uGehazi uyeniyuka, inceku yakhe, iyabuka. Futhi uyabuya, wayesethi, “O, ngibona ifu elincane elingangesilinganiso sesandla somuntu.”

¹⁹¹ Ngani, izibhakabhaka, lalingananga iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha. Ithusi! Ithusi likhuluma ngokwahlulela ngokukaNkulunkulu, ialtare lethusi, isahlulelo siphezu kwesizwe esasikhohlwe uNkulunkulu, izibhakabhaka ezisathusi. Ngifisa ngabe besinesikhathi ukungena kukho. Kodwa, manje-ke, ukungakholwa bekungabe sekukucoshile lokho futhi kwakutshinga, “Awu, uma lokho kuyikho konke Ongangithumela khona!” Ya.

¹⁹² Kepha yini uElija ayibonayo ngenkathi ebone khona impela ukuphenduka kokuqala kwesondo na? O, he! Wathi, “Ngizwa umsindo wenala yemvula.” Kungekho-fu elingelikhulu kunalelo, lalingenzani ukunisela isizwe na? Ngani, uma ifu likanjalo...Kushisa kakhulu kulezozibhakabhaka ukuthi besinga, “whewu,” zilihwamukise, umhwamuko wawuyobe usuhambile *kanjalo*. Kodwa kwathi uElija wabona isibonakaliso sokuqala, umnyakazo wokuqala omncanyanyanyana, wathi, “Ngizwa umsindo wenala yemvula,” ngenkathi kuseyifu nje elikhulu *kangako*.

¹⁹³ Mfowethu, ngiyakholwa, i...khona manje ngalomzuzu, ukuthi amandla kaMoya oNgcwele, akuleligumbi, ukupholisa wonke umuntu ogulayo okhona, ukuthi ningezwa ifu eliyisilinganiso sesandla somuntu, ukulabalase futhi

umpompoloze, “Ngizwa umsindo wokuphiliswa okuphelele.” UNkulunkulu uzokwenza.

¹⁹⁴ Uyala futhi uthi, “Awu, angitholanga lutho,” khonake azoshabalala, amagagasi ashisayo esihogo nokungabaza azokunyamalalisa emphefumulweni wakho.

¹⁹⁵ Kepha uma uthola lolohla oluncane lweMbewu, ume kuYo. Ayinjengedwala laseGibraltar. InjengeDwala laPhakade. Yimalapho futhi uzozwa umsindo wenala yemvula. Ungumntwana kaNkulunkulu. USathane ubeke lokho kuhlupheka phezu kwakho. Futhi niyazi ukuthini? NoKristu usevele uniphilisile nonke.

¹⁹⁶ Isoni siza ealtare futhi sithi, “Mfowethu Branham, mina, ya, ngifuna ungikhulekele. Ngi—ngifuna ukuba kahle, kodwa nje ngi. . . Ngikhulekele,” bese ubuyela esihlalweni sakho.

¹⁹⁷ Ubusuku obulandelayo, uthi, “Bangaki abafuna ukusindiswa na?” Nasi siyasukuma. “Ufuna ukusindiswa, nsizwa na?”

“Yebo, mnumzane.”

“Awu, awusindiswa ngani na?”

“Angazi.”

¹⁹⁸ Ngathi “Nje u. . .” Udeveli ubamba lowomfana. Yilokho kuphela. Ufuna ukwenza kahle, kepha kunomoya, amandla angeke amvumela aba kahle.

¹⁹⁹ Manje, haleluya, nakho! Akumangazi. . . UNkulunkulu ubengeke avumele indoda yangempela kaNkulunkulu ike isho ukuthi ibingaphilisa othize. UKristu ukwenzile lokho ngenkathi Efa. Bengingeke ngakwazi ukusindisa muntu, noma akekho omunye ongasindisa noma ubani, ngaphandle kukaNkulunkulu.

²⁰⁰ NoNkulunkulu angeke akusindisa, ngoba Usevele ukwenzile. Into kuphela ofanele uyenze ngukuKwamukela. Sekuvele kwenzile. Angisindiswanga eminyakeni engamashumi amabili eyadlula; Ngasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyadlula, kodwa iminyaka engamashumi amabili ngakwemukela futhi ngakuvuma. Ukuba akwenzanga, isono sokuqala engisenzile, uNkulunkulu ngabe wangibhubhisa ebusweni bomhlaba; ngoba Wathi Ubeyokwenza, futhi Ufanele agcine isithembiso saKhe. Ngaphiliswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyadlula, kodwa ngizofanele ngikwamukele.

²⁰¹ Nento kuphela eyangivimbela ukuba ngisindiswe ngenkathi ngangineminyaka eyishumi nambili ubudala, ngoba umoya wawulenga phezu kwami, udeveli, ethi, “Linda isikhashana kade.” Yilesosizathu ungasindiswanga ngenkathi ube sonyakeni wokuziphendulela. Umoya, ungena esixukwini, nalowo wasibekela phezu kwakho futhi waqhubeka ulenga phezu kwakho. Wawufuna ukwenza kahle. Akukho muntu onomqondo

okahle ngaphandle kwalowo ofuna ukwenza kahle, kodwa kunokuthile okungeke kwakuvumela wenze kahle. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lowo ngudeveli. Haleluya! UKristu wakhokhela ukuphiliswa kwakho nensindiso yakho.

²⁰² Manje nakhu. Lungelani. Wayaleza iBandla laKhe ukuba likhiphe odeveli. Nakho lapho okhona. “EGameni laMi bayakukhipha odeveli. Awuzukuphilisa muntu, kodwa uzokhipha odeveli baphume kubo ukuze bakwazi ukwamukela ukuphiliswa esengivele Ngikwenzile.” Kunjalo.

²⁰³ Abashumayeli bama emsamo futhi bashumayela iVangeli, odeveli bahlakazeka. Indoda iza ealtare, ngaphansi kokulahlwa yicala, ithi, “Ngifuna ukusindiswa.” Akakaze asindise umuntu; ukhipha udeveli, kunjalo, nendoda yasindiswa. Iyeza, yamukela insindiso yayo.

²⁰⁴ Into efanayo ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Nina bantu enigulayo lapha kulokhu ukusa, kholwani ukuthi, futhi nizalwe ngokusha, futhi ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, uKristu usevele uniphilisile. Into kuphela enivimbela ukuba nisinde kulokhu ukusa ngumoya olengela phezu kwenu ongeke ngokugcwele wanivumela niphumele ngale futhi nikholwe isithembiso sikaNkulunkulu ukuthi Usekwenzile. Kunjalo.

²⁰⁵ Manje, lokho ngukuthunywa kwami. Yilokho uNkulunkulu anginika khona, yilokho Akunika wonke umshumayeli weVangeli ozokholwa, amandla negunya ukugqashula lowomoya. Ngikholwa ngayoyonke inhliziyi yami ukuthi onke amandla edemoni eliphakathi lapha ngalomzuzu asevele agqashuliwe. Ngiyakholwa. Ngikholwa ukuthi kunawowonke umuntu ogulayo phakathi lapha khona manje ozwa ngokwahluka okukhulu. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho, nina ebenigula. Bukani lapho. Wena, yini indaba na? Lowodeveli usegqashukile wasuka kuwe. Ufanele. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi.” UJesu Kristu wanifela.

²⁰⁶ Ungaphiliswa khona manje, ukugcwalisa lokho kuthunywa. Nina bantu enigulayo lapha kulokhu ukusa, noma obe, noma ongangena lapha ngaleyondlela; ngenkathi lowoMoya usephezu kwenu, ngenkathi nisezwa uMoya kaNkulunkulu. . . Kuyathola, o, ngiyaxolisa, sekwedlulile. Nonke nina bantu enigulayo, obegula ngenkathi ungena lapha, ngifuna wena ukuba uze lapha ukuze ngikwazi ukugcwalisa ukuthunywa kwami. Ngingaphansi kwesibophezelo eNkosini yami.

²⁰⁷ Futhi ukubiza kwami, njengoba iNgelosi kaNkulunkulu yabonakala kimi ekuzalweni kwami, futhi yangiyala ngineminyaka eyishumi nambili ubudala, futhi yangithumela phandle lapha iminyaka emibalwa eyadlula, futhi yasho lezizinto, futhi ayiphikiswa emhlabeni jikelele. Amademoni na—nabahedeni, nabanqikazi nabangeneliswa ukuthi uNkulunkulu ukhona, na—nabesimanje-manje namakhomanisi, nayoyonke

enye into, ikuhlaselile phezu kwezindlela zokuthi kwakuyikho. Abanye babo bathi, “Ngukukhonza imimoya yabangasekho.” Abanye babo bathi, “Ngukusebenza kukadeveli.” Nomunye wathi, “Nguku—ngukufunda ingqondo.” Futhi ngasonke isikhathi ukuthi abavuka ngaso, uNkulunkulu uSomandla wama phambi kwami futhi wakunqoba. Kunjalo. Kuyise noma yikuphi ofuna ukukuyisa khona, kunoma yisiphi isizwe ofuna ukukusa kuso. Lonke izwe engilingenile, lonke idolobha, cische, ngangifanele ngilwe naleyonto; bathi, “Ngukufunda ingqondo.”

²⁰⁸ Ngangithi, “Khiphani wonke umuntu lapha ocabanga ukuthi ngukufunda ingqondo. Khiphani wonke umuntu owazi noma yini ngami. Ngiletheleni isiguli.”

Bathi, “Ngukukhonza imimoya yabangasekho.”

²⁰⁹ Ngithi, “Ngakho-ke uma mina, ngokukhonza imimoya yabangasekho, ngizuzela imiphefumulo kuJesu Kristu futhi ngingqoba odeveli, nenzani ngeninakho na? ‘Niyakubehlulela ngezithelo zabo,’ uJesu wathi, ‘niyakubazi.’ Nake nambona okhonza imimoya yabangasekho ekhipha odeveli na? Awusoze wambona. Kunjalo.” Ngathi, “UJesu wathi, ‘Bayakubazi ngezithelo zabo.’” Ngathi, “Eminyakeni embalwa edlule, ngomusa kaNkulunkulu, ngizuze imiphefumulo eyizinkulungwane ezingamakhulu amathathu namashumi amahlanu kuKristu. Yini eniyenzile na?”

²¹⁰ Indoda yahlangana nami phandle lapha yayisithi owesifazane othile wayitshela ukuthi ngangi—ngangingudeveli, nayoyonke imisebenzi yami yenziwa kudeveli. Bamonyuka ebandleni lapha, futhi banesigejane esibaleka kanye nabo, nakanjalo.

²¹¹ Ngathi, “Nenzeni na? Ngikhombiseni isithelo. Waqala ezansi lapho, noNkulunkulu wakusiphula. Wathi, ‘Lonke igatsha ukuthi okwakho...uBaba wethu waseZulwini angalitshalile liyosiphulwa.’”

²¹² Ngenkathi ngibeka lelotabernakele ekhoneni, futhi ngiguqa ngamadolo lapha esitakini sokhula lukasogamu nokhula oludala lwehhashi lapha, nalokho khona impela ngakulelipulpiti kulokhu ukusa, ngenkathi kwakuyichibi, uNkulunkulu wathi, “Ngizolibusisa.”

Lapha kwasukuma abaprofethi bamanga, bathi, “Ngibone izimoto zingena ziphuma. Futhi ngibone amatshe ehamba elinye kwelinye.” Lokho kwakuyiminyaka engamashumi amabili eyadlula, futhi namhlanje lisantweza, futhi liyontwenza, ngoba lakhiwa lapha phezu komjuluko nezinyembezi zomkhuleko nesithembiso sikaNkulunkulu. Kuyakwahlula.

“Phezu kwalelidwala ngiyakulakha iBandla laMi, amasango esihogo awayiKulahlula.” Nakho lapho okhona. Yebo, mnumzane. Unganaki abakushoyo. Ngifunde isifundo sami ngokulalela abantu abangakwazi abakhuluma ngakho.

Ngilalela uMuntu oyedwa, lowo nguNkulunkulu uSomandla. UJesu wathi, “Kusukela lapho uma ucela eGameni laMi, ucela uBaba eGameni laMi, futhi uyokuthola.” Ngiyakukholwa.

²¹³ Ngesinye isikhathi eHarlingen, eTexas. Mina... yilokhu—yilokhu ebengizama ukukubalekela; kuvuthisa inhliziyo yami. Banyukela lapha, nginakho kweyami, qhabo, kuphakathi encwadini yami encane yesifundo, ngento. Kwathi ngangiyi... iFBI yayilapho ukuba ingidalule, ukuthi ngangingu—ngu—ngudeveli. Futhi abefundisi, isigejane sabo phezulu lapho ngokuzungeza ndawondawo enhla ngaphezu kweHouston lapho, ngizolibiza igama lendawo emzuzwini; babeka phandle isixheke esikhulu sezincwajana base bewedlulisa onke ngakhona, kukho, kanjalo, ehholo elikhulu, futhi basho ukuthi nganginguSimoni umlumbi, ngikhipha odeveli njengoSimoni umlumbi, ukuthakatha.

²¹⁴ Ngakho ngalobobusuku lapha, kwakukade kukhona amantombazane athi awabe mabili ayekade ephilisiwe lapho, futhi afika ngapha, ekhala nayoyonke into, athi, “Awu, bewufanele ngabe u... Ngathi... Athi ayeya ekhaya, ayesaba. Athi, ‘I-FBI izokuthatha, Mfowethu Branham.’ Nalentombazane yabuyiselwa qotho engqondweni yayo uma ubone lowombono ngapha.” Futhi mina... Wathi, “Ngi—ngenze iphutha. Mhlawumbe ngibangele inkathazo.”

²¹⁵ Ngathi, “O, wethukile.” Ngathi, “Ubone uNkulunkulu umPhilisi, akunjalo na?” Ngathi, “Mbhekisise njengeQhawe. Mbhekisise empini, ubone ukuthi Mkhulu kangakanani. Ubone ukuthi mkhulu kangakanani uNkulunkulu njengeQhawe empini!”

²¹⁶ Ngalobo busuku ngaphuma, ngathi, “Wonke umuntu kulokhu, lapha emkhankasweni wami, Mnu. Baxter, mfowethu, namanenekazi amabili asemancane aphiliswa, nabo ukuthi umfundisi ushilo namhlanje ukuthi ubandakanywe kubona, ngifuna nina ukuba niphume esakhiweni.” Baphuma esakhiweni. Ngathi, “Manje, nginesiqephu sephepha lapha okungukuthi umgcini wehholo elikhulu waphuma wase evusa izinkulungwane zabo baphume ezimotweni, waqasha izinganyana zaseMexico ukuba zibathole.” Ngathi, “Nginephepha elincane lezaziso lapha elisho lapha kulobubusuku ukuthi nginguSimoni umlumbi futhi ngizodalulwa iFBI lapha kulobubusuku.”

²¹⁷ Ngathi, “Kulungile, FBI, ngisemsamo eGameni leNkosi uJesu Kristu; wozani emsamo manje futhi ningidalule.” Ngathi, “Uma ngenza noma yini ngaphandle kweBhayibheli likaNkulunkulu uSomandla, wozani lapha futhi ningidalule.” Ngathi, “Nikuphi na?” Izinkulungwane zihlezi lapho nawowonke umuntu ekhala. Ngathi, “Ngilindele iFBI. Ngokwephepha lenu lapha, benizongidalula kulobubusuku.”

Ngaleyonkathi nje ngalinda imizuzu embalwa, ngase ngizwa lowomoya uphuma. Ngathi, “Bekungesiyo iFBI. Angisiso isigebengu.” Ngathi, “Ngasonke isikhathi umsebenzeli weFBI uza emhlanganweni wami, baya—bayasindiswa. Ushifu wabo wasindiswa emhlanganweni wami, uKapteni Al Farrar.” Ngathi, futhi, o, ngathi, “Ayikho iFBI enza into enjengaleyo.”

²¹⁸ Ngathi “Kuyini na, ngabashumayeli ababili abahlubukile.” Ngabheka, kulenga phandle lapho, futhi kwakukhona into enkulu kakhulu emnyama ilenga ngasezithamelini. Ngikubonile kunyuka ngqo kanjena kuvulande osesitezi sesibili. Ngathi, “Khona lapho, kuhlezi, oyedwa engqoke isudi emhlophe, oyedwa engqoke isudi empunga.” Futhi behla *kanjalo*.

²¹⁹ Ngathi, “Ningehli! Ngicabange ukuthi nizongidalula. Ngibukeke njengomunye umuntu.” Ngathi, “Ningababili abahambisanayo babashumayeli abahlubukile. Akukho eningakwenza ngakho.” Ngase ngithi, “Manje, uma nginguSimoni umlumbi, futhi ngikhipha odelveli ngokuthakatha, njengoba nisho ukuthi nginguye, futhi nina ningewele futhi nilungile kuNkulunkulu, yehlelani emsamo. Uma nginguSimoni umlumbi, ngizowa ngife. Futhi uma ningusimoni, uma kuyinina eninephutha, nizowa nife. Yehlani manje, sizobona ukuthi ubani oqinisile.” Kunjalo, baphosele inselelo. Bagebisa amakhanda abo. Ngathi, “Ningagwajazisi amakhanda enu kanjalo.”

²²⁰ Ngathi, “Manje, bantu, niyabona ukuthi ubani oseqinisweni nokuthi ubani osephutheni. Bayesaba.” Futhi nampo bephuma ngaphezulu kwalapho, ngokushesha ngakho konke lapho behamba. Ngathi, “O, ngiyabona bayahamba. Mhlawumbe mhlasimbe behlela lapha.” Baphuma esakhiweni ngokushesha ngakho konke ababengakwenza, ezansi ngezitebhisi. Ngama lapho futhi ngalinda. Ngathi, “Manje sizobona. Mabeze emsamo. UNkulunkulu makakhombise ukuthi ubani ongubani.” Kunjalo. Ngathi, “Uma ngiba ngonamanga, khona-ke uNkulunkulu uzokukhombisa kungamanga. Uma ngiqinisile, uNkulunkulu uyohlala efakazela okuqinisile.”

²²¹ Njengoba kwakunjalo eHouston ngenkathi lowomshumayeli weBaptisti washo ukuthi ngangiyidemoni, nokunye nokunye, futhi niyabona ukuthi kwenzakalani ngenkathi iNgelosi yeNkosi yehla.

²²² Manje, niyazi ukuthi kwenzakalani na? Asizange sisababona ababo. Ngalobobusuku iNkosi yaphonsa ukunqoba lapho okusakhulunywa ngakho eHarlingen. Niyabo? “Mina iNkosi ngaKutshala. Ngiyonisela usuku lwakho nobusuku, funa omunye aSihlwithe esandleni saMi.”

Wozani manje, bafana, ningaya opiyaneni ngokushesha impela na?

223 Makuthi abantu abagulayo, noma kuphi ukugula, wozani ngasealtare ngokushesha impela manje. Nje sicishe sibe nemizuzu elishumi lapha, futhi sizonikhulula kuwowonke amandla edemoni alenga ngakuwe, eGameni leNkosi uJesu. “Ngibanika iGama laMi negunya.”

224 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . Ngizama lokhu ngoba ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu ungigcoba ukuba ngenze kanjalo. Ngiyakukholwa. Uma kuphela ngingathola abantu ukuba bakukholwe! Ngakho-ke uma lokhu kungesiyo impumelelo, ngakho-ke ngiyayikholwa iNkosi. . . Uma ngithole isikhumba semvu phambi kwaKhe, ngizobuyela emuva, nje ngiqondane nombono, nje owodwa noma emibili noma emithathu, noma ngabe yini engingafinyelela kuyo ngobusuku.

225 Benisemihlanganweni yami, nonke, anikaze nibone esisodwa salezozikhathi ngaphandle kokwakuphelele. Ngizokutshela ukuthi isono sakho sikuphi. Lilokho kuphela okungakwenza. Ukuphiliswa sekuvele kungokwakho. Into kuphela eyiyo, manje-ke, isono; mhlawumbe into ethize oyenzayo empilweni, engalungile, noma kumbe elinye—elinye idemoni libambebele kuwe, elingeke lakuvumela ukuba ukholwe. Manje, uyazi, uma kungesikho, uJesu washo okuthile okungesikho. “Konke kuyenzeka kokholwayo.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Khona-ke kulele ngaphakathi kuwe; hhayi kuNkulunkulu.

226 Uma ngishilo lapha, uma ngithe, “Nakhu kulele, uma ufuna, uhlamvu lwedola.” Ngicabanga ukuthi nginalo elilodwa. Kulungile. Uma kunohlamvu lwedola, eselivele lihlinzekelwe kumuntu oswele. Uma kuyilo, lingelakho uma uzoza ulithole. Angidingekile ukuba ngenze lutho ngakho, ngilibeke phandle lapho. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

227 Awu, uJesu, ngenkathi Efa, Wakuphilisa. “Walinyazwa ngeziphambeko zenu, ngemivimbo yaKhe naphiliswa,” inkathi edlule. Kukuwe manje. Woza ukuthole, kungokwakho. Ngiyakholwa. “EGameni laMi bayakukhipha odeveli.” Ngiyakukholwa lokho. Ungivumelile ngikwenze ngaphambili, futhi ngiyakholwa Uzongivumela ngikwenze kulokhu ukusa. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

228 Kulungile, nje makuthi isigcino lapha sihlehlele khona impela ngalendlela, nonke ezansi lapho, ukuze ngikwazi ukukhuleka; futhi ngisakhulela futhi ngikhipha umoya omubi, ukuze abantu bakwazi ukubuyela ezihlalweni zabo ngakulolodonga. Uma nithanda, bazalwane, ngenani ngqo ngalendlela.

229 Manje bukani lapha. Kusizani ukudlala uzungeze, futhi ukholwa uhhavu yonke into na?

²³⁰ Liphi lelonenekazi ebelikulesosihlalo samasondo na? Wena, nenekazi. Ini, kusizani ukuhlala lapho na? UNkulunkulu usekuphilisile. Ngempela, Usekuphilisile.

²³¹ Ngimbone ehola omunye—omunye wesifazane esikhashaneni esedlule. Ngikholwa ukuthi indoda imi lapha ihola, mhlawumbe umkayo lapha, ukhubazekile noma okuthize. Nenekazi, akunasidingo sakho sokuba kulesosimo.

²³² Inenekazi lithe belinentombazanyana lapha, umntwanyana, bekukhona okungalungile ngayo, nazozonke izinhlobo zezifo nezinto, isithulu, isimungulu, nempumputhe, noma ngabe yini. Asikho isidingo sokwenza lokho.

Asikhothamise amakhanda ethu. Ngifuna nikholwe.

²³³ O Nkulunkulu, Baba wethu waseZulwini, ngiza kuWe kulokhu ukusa njengenceku yaKho. Nkosi, ngishumayele iZwi. YiZwi laKho, Akusilo elami. Futhi ngiyazi ukuthi Ulapha ukuphilisa abantu futhi ubasindise. Ngikholwa ukuthi Uzokwenza, Nkulunkulu oThandekayo. Futhi ngiyakhuleka kuWe ukuba ube nomusa. Nkosi, ngiqonda ukuthi lemibono, into kuphela engayenza ngukwembula izono zabantu. Kodwa, Nkosi Nkulunkulu, kwangathi uMoya oNgcwele wenze lokho khona manje. Kwangathi Engembula, kuyoyonke inhliziyo, isithiyo. Uma kukhona nayisiphi isoni empilweni yabo, khona-ke kwangathi kungathethelelwa khona manje, Nkosi, ngiyakhuleka ngeGama likaJesu Kristu. Futhi kwangathi laba, iqembu lapha namhlanje, libe njengalabo ngobunye ubusuku, kwangathi kungabakhona ukukhululwa okuphelele ngamunye wabo. Kwangathi bangaphiliswa kulokhu ukusa, babuye ngoLwesithathu ebusuku, bejabule, bememeza futhi bethokoza. Siphe khona, Baba.

²³⁴ Manje ngaphezu kwegunya leZwi laKho, ngiya phambili ukukhipha odeveli, ukuba ngigewalise iZwi laKho, eGameni likaJesu Kristu.

²³⁵ Manje, Sathane, ngiyazi ukuthi ubambe lababantu, ezimnyama, ezihwaqabele, izinto ezisabekayo ezibabambile, bethi, “Awu, ngizokuzama.” Kodwa ngifuna ukukhuluma kuwe! Ngimi endaweni yabo, phakathi kwabo noNkulunkulu, kulokhu ukusa. Ngimi njengenceku ka—kaNkulunkulu uSomandla. Izono zami azisekho, ngeGazi likaJesu Kristu, ngokukholwa kukaNkulunkulu enginakho kuYe njengeNdodana kaNkulunkulu. Futhi ngiyabiza, neBhayibheli libiza kuqala, futhi ngikhuluma njengeBhayibheli, ukuthi Waphuca onke amandla owake waba nawo, eKalvari. NeBhayibheli lisho ukuthi abafundi baKhe bafanele ukuthwala lomyalo Aba nawo lapha emhlabeni, ekupheleni konyaka. Futhi ngingumfundi waKhe, ngakho-ke kulokhu ukusa ngiza njengomele, omele kaJesu Kristu, ekusebenzeni kwaKhe. Ngithunyelwe endaweni yaKhe. Nangabe yini engiyibiza phezu komuntu, amadla akho

azonqamuka, nomuntu uzokhululeka futhi aphume lapha futhi asinde. Ngikuphonsela inselelo eGameni, iGama likaJesu Kristu, ngeGazi laKhe, ngiyama. Futhi shiya wonke umuntu engibeka izandla zami phezu kwakhe. Hhayi ebungcweleni bami, hhayi egameni lami, ngokuba igama lami alilutho kuwe; ubungcwele bami abulutho, anginabo. Kodwa ungeke waqonda igama lami, kepha uyoqonda u “Jesu,” futhi uzophuma. Futhi ngikhuluma kuwe. Ngiyahamba manje enselelweni. Futhi uma uzama ukubamba noma imuphi walabantu, kwangathi isiqalekiso sikaNkulunkulu sehlele phezu kwakho. Mawuphume, susa isandla sakho kulamaKristu. Isandla sakho esigcolile esigulisayo, sihlupha futhi sikhubaza futhi sigulisa lababantu, futhi sibanika izifo, susa isandla sakho, eGameni likaJesu Kristu.

²³⁶ [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.] . . . Gama likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, ngikucela ukuba usukume e . . . Gama laKhe, uya ekhaya usinde ngokuphelele, ukuba ubabaze uNkulunkulu. Sukuma. Nabantu mabaphakamise amakhada abo. [UMfowethu Branham nebandla kakhulu badumisa uNkulunkulu. Akuqoshwanga eteypini.]

²³⁷ Nkulunkulu uSomandla, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, mnikezeli wasosonke isiphiwo esihle, thumela izibusiso zaKho phezu kwalendoda emi lapha, yazi ukuthi leli yilona thuba kuphela lempilo yakho ukuba ike ibe indoda ejwayelekile futhi. Nezinqulu nemilenze konke kulesisimo, ngalezizinduku zokuqhugela ahambile ngazo. Ufuna ukubuyela ekhaya lakhe, ukuba afakaze ekubabazeni uNkulunkulu; ushayele amamayela amaningi ukuba afike lapha. Futhi, Baba, ngiyakhuleka ukuthi leli kuzoba ihora ukuthi uzosho enhlizweni yakhe, “Uma abanye bengakwazi, nami ngingakwazi. Futhi Wangifela, ukungikhulula, ngokufanayo njengoba Wenza kwabanye.” Siphe khona, Baba.

²³⁸ Ngakho-ke, wena demoni elikhubaze umzimba wayo, ngiza ngenselelo yokukholwa ukumelana nawe, ukuba ngikuphonselwe inselelo kulokhu ukulwa kwababili. Ngiyakuyala ngoJesu, iNdodana kaNkulunkulu, phuma endodeni.

²³⁹ Yibani nenhlonipho yokuzithoba, yonk'indawo. Kubambe umfowethu. Manje umzuzu nje, akusikho okwakhe i . . . Nje hlalisekani, bangani. UBukhona beNkosi buseduze. Nje yibani nenhlonipho yokuzithoba ngakho konke eningakwenza, ngaphakathi nangaphandle. Indoda bandla ifike lapha, angeke isahamba ngezinduku zokuxhugela uma uNkulunkulu engayisizi manje. Lokhu kuzoba . . . Ifika lapha, izoba yimbi kakhulu kunokuba ike yaba njalo uma ingaphiliswa. Mhlasimbe bayodingeka bayikhiphe ngokuyithwala uma ingaphiliswa. Isizathu, uSathane, uma engathola amadla enele ukuyihlakaza, uzoyihlakaza khona impela uma engakwazi. Ngakho manje kuphakathi kokuthi uzoyihlakaza, noma

uNkulunkulu uzoyikhulula futhi ayenze isinde ngokuphelele. Manje, wonke umuntu, bangaki phakathi lapha okholwayo ukuthi uNkulunkulu ungithume ukuba ngikhulule lendoda kulobubusuku ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Manje yibani nenhlonipho yokuzithoba ngempela nje, gcinani amakhanda enu ekhotheme.

²⁴⁰ Uyakukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uzothatha lezizinduku ezindala zokuqhubela futhi uzilahle emotweni bese uya ekhaya, futhi uzitshathe kusasa bese uhamba wehla wenyuka izitaladi zedolobha lakini, ufakazela uNkulunkulu. Awuka...Leyompilo onayo esele, mfowethu, inikele enkazimulweni kaNkulunkulu. UzoMkhonza na? UzoMkhonza na? Ubucabanga ngalokho maduzane, empeleni, (awucabanganga na?) ubucabanga ngokuhamba ngokusondela. Ngolunye usuku, wathi, “Uma ngi... UNkulunkulu ubengaphilisa mina kuphela, bengiyohamba ngokusondela kuYe.” Kunjalo. Ukushilo lokho.

²⁴¹ Bese kuthi-ke, enye into, ngenkathi wawu...Ngikubona ubusemoweni maduzane, futhi ubukhuluma komunye mayelana nalezozinto. Bekunendoda ihlezi esihlalweni esingaphambili, ngenkathi ubuhlezi ngemuva. Kunjalo na? Benehla ngomgwaqo, niya ngasegqumeni elincane elizungezile, nijikela ngakwesokudla, ngenkathi ubukhuluma ngakho. Ngabe lelo iqiniso na? Angifundi wona umqondo wakho, mnumzane. Lowo nguNkulunkulu manje. Futhi manje uqala ukuzwa engikhuluma ngakho. Manje sekuyisikhathi sokukhululwa kwakho.

²⁴² Nkulunkulu uSomandla, manje ngenkathi amandla oBukhona baKho bulapha, umi lapha ukukhulula lendoda, O Nkulunkulu waPhakade, Mqalisi wokuPhila, thumela izibusiso zaKho phezu kwayo, ngisambusisa eGameni leNdodana yaKho. Siphe khona, Nkosi, ngoJesu Kristu.

²⁴³ Wena demoni elakhubaza lendoda, umfowethu, usekwenzile ukuvuma kwakhe. Imfihlo yakhe isishiwo. Ulapha manje ukuba ahambe. Ungeke usambamba. Ufuna ukubabaza uNkulunkulu. Ngiza ekuphonseleni inselelo ngimelana nawe. NgeGama likaJesu Kristu, ngesiphiwo sokuphilisa esikhonziswa kimi yiNgelosi, ngiyakuyala ngoJesu iNdodana kaNkulunkulu, phuma kuye.

Nanto, lihamba. Gcinani amakhanda enu ekhotheme, yonke indawo.



UKUKHOLWA UNKULUNKULU ZUL52-0224
(Believing God)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngeSonto ekuseni, ngo Febhuwari 24, ngo 1952, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org